



KWAZULU-NATAL
PROVINCIAL GOVERNMENT

SIMAMA

USHICILELO LWAMAHHALA LUKAHULUMENI WESIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI

USHICILELO 196 • AUGUST 2016

UNdunankulu uMchunu usayinde isivumelwano soxolo e-Glebeland



UNdunankulu waKwaZulu-Natal uMnu Willies Mchunu, wayiqala indaba yoxolo eGlebeland ngenkathi esenguNgqongqoshe weZokuphepha koMphakathi uthe uyawubongela lomphakathi obusuwundabuzekwayo ngisho nasemazweni aphesheya kwezilwandle ngendlela abantu abebetulawa ngayo. **Bheka udaba ekhasini 3**



KWAZULU-NATAL
PROVINCIAL GOVERNMENT

sibungaza inyanganga
yabesifazane

WOMEN UNITED IN MOVING SOUTH AFRICA FORWARD

UNdunankulu waKwaZulu-Natal uMnu Willies Mchunu



OKUNGAPHAKATHI



UNDUNANKULU UMCHUNU USAYINDE ISIVUMELWANO SOXOLO E-GLEBELAND

IKHASI 3

UNDunankulu ubonge kakhulu iNdunkulu, amaphoyisa kanye nabo bonke ababambe iqhaza ukuze kubuye inhlansti yethemba ngokuthula kulomphakathi.

KUVULWE IKHASI ELISHA EKUBAMBISANENI PHAKATHI KWEZIQIWI NOMPHAKATHI

IKHASI 5

Ukubambisana phakathi kwemiphakathi eyakhele isiqwi saseHluhluwe-Imfolozi Park kanye nohulumeni kuthathe elinye igxathi ngesikhathi kwethulwa uhlelo lokuba lemiphakathi yakhelwe izibaya zokuphepha imfuyo ezilwaneni zasendle.

UNGQONGQOSHE WEZOBUCIKO NAMASIKO UBUYISELE AMADODA ENDLELENI

IKHASI 7

UNGqongqoshe Wezobuciko Namasiko KwaZulu- Natali uNkk Bongiwe Sithole-Moloi uqinise ulimi eluleka amadoda ngokuziphatha kwawo ekwakheni isizwe esinesizotha, uthando kanye nempilo enhle. UNGqongqoshe uMaSithole-Moloi ukhulume nezinsizwa kanye nabanumzane abebeyingxeny yomncintiswano wengoma eMhlumayo kweseNkosi uSithole ngaphansi kukamasipala iNdaka eMnambithi.

KUPHENDULWE INKANTOLO ENDALA YABA ISIKHUNGO SOKUPHA ABAHLWEMPU OKUYA NGASETHUNJINI

IKHASI 10

Usushayelwe ihlombe uMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natali, ngokuguqula ibhilidi elaliyinkantolo endala lenziwe indawo yokupheka ukudla kuphinde kuphakelwe amalunga omphakathi alala engadlile endaweni yaseNhlangwini, kuWard 1, eFodo, ngase Harding.

INJABULO EMPHAKATHINI NGOMGWAQO OSUZOKUBA NETIYELA EDANNHAUSER

IKHASI 12

Umphakathi waseDannhauser nawo awusalanga ngaphandle ochungechungeni lwemicimbi yoMnyango wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi ngenyanga kaJuly lapho bekulethwa intuthuko ezindaweni zasemakhaya.

MAYELANA NALOLU SHICILELO

Ushicilelo lukaHulumeni wakwaZulu Natal olusemthethweni. I Simama iqukethe phakathi kokunye izindaba, imibiko, nezimemezelo zaHulumeni wesiFundazwe.

Ishicilelwa kabili ngenyanga.


Uma unesifiso sokuthola ikhophi yakho ithunyelelwe esikhungweni sakho esifana nesikole, umtapo wolwazi, isibhedlela, ungathintana nehhovisi likaNdunankulu waKwaZulu-Natali: 033 341 3300 noma simosenkosi.chamane@kznpremier.gov.za

Ithimba elihlanganise iphephandaba:

Umhleli omkhulu: Adv. Simo Chamane
Umhleli wezindaba: Sibusiso Magwaza
Umhleli wamakhasi: Bonga Khoza

Abezithombe:
Zandile Shange

© KZN Provincial Government



“NAMHLANJE UXOLO LUFIKILE EHOSTELA LASEGLEBELAND KUNGENXA YEMIZAMO YENU” KUSHO UNDUNANKULU U-WILLIES MCHUNU

“Nakuba bekuhamba kubuye kube khona izihibe ngenkathi kuzanywa loluxolo, kodwa konke nekungumlando manje ngoba umphakathi waseGlebelands ukhethe ukuqala kabusha”

SIBUSISO MAGWAZA

Ukhulume kanje uNdunankulu wesifundazwe uMhlonishwa u-Willies Mchunu ngenkathi eqala inkulumbo yakhe phambi kwezinkumbi ezibalelwa ezinkulungwaneni eziyishumi enkundleni yezemidlalo esehostela laseGlebeland ngenkathi kuzosayindwa isivumelano soxolo.

Bekuchwaza amakhwela kukikizwa, kujatshulelwa ukuthi impi esidlule nemiphefumulo engaphezu kwamashumi ayisithupha isiphelile.

UNDunankulu wayiqala indaba yoxolo eGlebeland ngenkathi esenguNgqongqoshe weZokuphepha koMphakathi uth e uyawubongela lomphakathi obusuwundabuzekwayo ngisho nasemazweni aphešheya kwezilwandle ngendlela abantu abebebulawa ngayo.

Uthe uxolo luyinto ebalulekile ngoba lunikeza zonke izakhamuzi ithuba lokuqala kabusha impilo.

UNDunankulu ubephelezelwa ngoNgqongqoshe beKhabhinethi yesifundazwe, iMeya yeTheku, isithunywa saseNdunkulu, abezepolitiki esifundazweni, ubuhloli beNdabuko kanye nabaMabandla ahluken e.

UNDunankulu vele unomlando omude uma kukhulunywa ngokulethwa koxolo njengoba ayibamba kukubi ngezikhathi zawo 1983, lapho kwakuwudlame olwalusolwa phakathi wenhlango ye-UDF kanye ne-IFP.

UNDunankulu ubonge kakhulu iNdunkulu, amaphoyisa kanye nabo bonke ababambe iqhaza ukuze kubuye inhlansi yethemba ngokuthula kulomphakathi.



“Namhlanje isizwe sonke siyazibonela ngokwaso izinhlangothi ekade zilwa sekuyizo eziithi akuthelelwane amanzi” kusho uNdunankulu.

Uthe ngenxa yalokhu njengoHulumeni, babona kufanele isekelwe yonke imizamo yokubuyisa uzinzo kulendawo.

“Nakuba bekuhamba kubuye kube khona izihibe ngenkathi kuzanywa loluxolo, kodwa konke nekungumlando manje ngoba umphakathi waseGlebelands ukhethe ukuqala kabusha”kuqhuba uNdunankulu.

Elandisa ngezehlakalo zehostela laseGlebeland, Emlazi

uNdunankulu uth e umhlaba wonke wazi lendawo njengendawo lapho abantu bebulalana mihla namalanga.

Uthe baningi kakhulu abantu asebehlukumezekile ngalempi, ngenxa yengxabano kanti imindeni eminingi seyethuka izanya.

Uthe kodwa uyajabula namhlanje njengoba ezobungaza ukuthelelwana kwamanzi ukuze kuqalwe kabusha.

Ubale izigameko eziningi ezike zaphazamisa ukuthula kulendawo, kanye nemizamo eminingi ebiholwa yikomidi lokuletha uxolo.

Ugcizelele ukuthi impi nezibhamu akusoze kwaxazulula izinkinga

kodwa wathi impi nezibhamu kuqeda izihlobo, imindeni kwaletsha usisi nokuhlupheka.

Uthe njengoHulumeni kanye nabaholi bezepolitiki sebenze konke okusemandleni ukuletha uxolo, manje sekusezandleni zezakhamuzi wakulendawo ukuthi nazo zibambe iqhaza.

Uthe akangabi khona ozocabanga ukubuyisela kulempi ngoba lokho kungaletha okunye ukuhlupheka nokulahleka kwethemba.

UNDunankulu uth e impi ihlupha kakhulu abesifazane nezingane, kanti yenza izingane ziphenduke izigqila zezidakamizwa namajele.

UNDunankulu wesiFundazwe saKwaZulu-Natal uMnu Thembinkosi Willies Mchunu, ngesikhathi esayinda isivumelwano soxolo ehostela laseGlebeland

Unxuse zonke izinhlobo ukuthi ziwuxhase lomophakathi waseGlebeland, wathi kodwa okuningi kumele kuvele kuwo uqobo.

Uthe njengoHulumeni babonga nokuxhaswa yiSilo saMabandla onke, wathi uma uxolo lunganikwa ithuba kuningi okungazuzwa.

Uqhube wathi kungakuhle ukuthi umphakathi uqhubeke nokushumayela ivangeli loxolo kunokushumayela inzondo nokufisa ukuziphindiselela.

Ubuye wacela ukuthi abantu bangagwazeli amaphoyisa ngoba lokhu kuwukuwafaka inkohlakalo.

OkaMacingwane uphethe ngokuthi lesi akusesona isikhathi sokuthetha, kodwa esokuncoma lelignxathu eliyinqophamlando kulesisifundazwe.

Uthe uHulumeni kanye nesifundazwe sonke bayaziqhenya ngalesisenzo somphakathi waseGlebelands.

UNDunankulu waKwaZulu-Natal u-Willies Mchunu uth e kuningi osekuzuzwe nguHulumeni wesiFundazwe kuleminyaka engu-16

SIBUSISO MAGWAZA

UNDunankulu wesiFundazwe umhlonishwa u-Willies Mchunu ufisele zonke izakhamuzi zesifundazwe ukhethe olukhululekile futhi olungenazihibe.

Uthe kuningi osekuzuziwe yiHulumeni eminyakeni engu-16 eyedlule kanti nalabo okusekhona abakhala ngakho unesiqiniseko

sokuthi uHulumeni uzobalalela.

UKhethe loHulumeni BaseKhaya luzoba ngoLwesithathi, mhlaka 3 ku Agasti 2016.

UNDunankulu uth e kubalulekile ukuthi wonke umuntu abambe iqhaza elibonakalayo ekwakhiweni koHulumeni baseKhaya ukuze intuthuko nempilo yabantu

iphucuzeke. “Kuzokhumbuleka ukuthi ezindaweni eziningi ebezingenagesi, sezinawo manje, ebezingenamanzi sezinawo, ababengenazindlu sebenazo kanti nesondlo sabadala nezingane sesitholwa yiwo wonke umuntu” kuqhuba uMacingwane, Uthe abantu kumele benze konke

okusemandleni ukwenza isiqiniseko sokuthi bayavota ukuze bakhethe, banikeze uHulumeni amandla okwenza ngaphezu kwalokhu asekwenzile.

Usuku lokhethe seluphendulwe iholidi ukuze wonke umuntu athole ithuba elanele lokuyovota. UNDunankulu uphethe ngokuthi

isifundazwe saKwaZulu-Natal siphuma esikhathini ebesezinima kakhulu uma kukhulunywa ngesimo sezepolitiki kanye nokulethwa kwezinsiza, ngakhoke abantu abangalinge bacabange ukuthi lenkululeko yeza kubo mahhala.

X

LOCAL GOVERNMENT ELECTIONS
03 AUG 2016
MPHAKATHI WAKWAZULU-NATAL ASIHAMBE SIYOVOTA!

UNDunankulu waKwaZulu-Natal uMnu Willies Mchunu

UNDUNANKULU WESIFUNDAZWE UTHE UMKHAKHA WEZOBULUNGISWA NOHULUMENI KUMELE ISEBENZISANE

Kuyakhuthaza ukubona abantu abakhule kanzima njengeJaji uMadondo bekwazi ukukhula kulendima yezomthetho baze bafike kulesisigama esibaluleke kangaka.

SIBUSISO MAGWAZA

UNDunankulu waKwaZulu-Natal umhlonishwa u-Willies Mchunu ubungaze ukuqokwa kweJaji uMadondo njengeSekela-Mongameli wamaJaji esifundeni zaKwaZulu-Natal, kanye nokuqokwa kweJaji uBezuidenhout kanye neJaji uMasipa emcimbini obuhlelwe yinhlangano yabaMeli i-KwaZulu-Natal Law Society ngokubambisana neHovisi likaNdunankulu. Lomcimbi ubuhanjelwe yizingcithabuchopho kanye nezingqwayingqwayi zabameli abafunde bagogoda kwezomthetho. Iningi labo bekuyindlu emnyama, abesifazane kanye nezinye izinhlanga.

Kungenxa yalokhu kuhlangua kwezinhlanga okwenze ukuthi athi eqala inkulumo yakhe uNdunankulu akushaye lehlombe ukuthi umbono wenhlangano ebusayo i-ANC wokuthi amathuba mawani kwe bonke abantu,

ikakhulukazi labo ababecindezelwe sekuyabonakala. UMacingwane uthe yilanga elifana naleli lapho yena emele uHulumeni wesifundazwe ejabulile ukuzobungaza lezizifundizwa zesifundazwe saKwaZulu-Natal.

Uthe ubona kubalulekile ukuqiniswa kobudlelwano phakathi kwezinhlanga ezimbili ezibalulekile emphakathini, okunguHulumeni kanye noZobulungiswa. Uthe njengelunga leKhabhinethi yesifundazwe ubona kubalulekile ukuthi azobungaza lempumelelo abonayo ukuthi ikhombisa inqubekela phambili kulomkhakha wezomthetho. Uthe uthemba ukuthi kuzothi njengoba beqhubeka nomsebenzi abanikezwe yona nguHulumeni, baphinde bathole elinye ithuba lokude bexoxisana namaJaji ngoba lobubudlelwane bubalulekile. Uthe kuyakhuthaza ukubona abantu abakhule kanzima

njengeJaji uMadondo bekwazi ukukhula kulendima yezomthetho baze bafike kulesisigama esibaluleke kangaka. Uqhube wathi uyethemba ukuthi lokhu kuzoqinisa idolo futhi kunikeze isithombe esihle nesikhuthazayo emphakathini. Uthe uyajabula ukuthi imigomo yabo njengoHulumeni yokubona abesifazane benikezwa amathuba ibonakala ilandelwa njengoba abameli abaningi bekungabesifazane. Uthembise enkulu inhlonipho nokubaxhasa bonke abakhushulelwe ezikhundleni eziphezulu. Uthe ukuguquguquka kwezimo zokusebenza kuhle futhi uyakukhuthaza ngoba kuletha isithombe okuyisona-sona emphakathini. UMacingwana ubekhuluma kulomcimbi okokuqala njengoba esenguNdunankulu wesifundazwe saKwaZulu-Natal.



Uncome bonke abenze umcimbi ukuthi ube yimpumelelo, wathi isifundazwe saKwaZulu-Natal siyaziqhenya ngalengqubekela phambili kulomkhakha. Uthe izingane ezisafunda, nalaba asebesemaNyuvesi bazokhuthazeka ngalempumelelo abayibone yenzeka.

Ugcizelele wathi lemikhakha emibili, okaHulumeni noweZobulungiswa kumele ibambisane ukuqhubezela phambili intuthuko yomphakathi, nokukhanda isithombe esikhombisa ukusebenza ngokubambisana ukugxilisa intando yeningi kubantu.

UNDunankulu uthe umlando wenkululeko yaseNingizimu Afrika awusoze waphelele lingabalwanga igama likaMandela

SIBUSISO MAGWAZA

Kudume ingoma ethi "akekho ofana noMandela" eholo ebeligcwele phama izithunywa ezivela kumazwe ngamazwe eNkosi Albert Luthuli eThekwini ngenkathi uNdunankulu waKwaZulu-Natal umhlonishwa uWillies Mchunu ethula isifundo ngeqhawe lomzabalazo uDokotela uNelson Mandela owaba nguMongameli wokuqala weNingizimu Afrika ebuswa ngentando yeningi, futhi nowaba yisishosho sokulwisana nokubhebbetheka kwegciwane lengculaza kanye nesandulela sayo. Eqala inkulumo yakhe uNdunankulu uthe umlando walelizwe usuke ungaphelele uma lingabalwanga igama likaMandela.

Uthe nakuba kukuningi esingakusho ngoMandela kodwa akekho ongakhohlwa yigalelo lakhe ekulwisaneni negciwane lengculazi. Uthe leliqhawe lajoyina lombhidlango ngezikhathi abantu abaningi besadidekile ngalesisifo, kodwa okaMadiba waletha umkhombandlela okwakufanele ulandelwe. Umchaze uMandela njengeqhawe elalwela lelizwe ngale kokucwasa bala lamuntu, uthe kwakuyindoda eyadela konke

ukuze sonke sithole inkululeko. Kuthule kwathi cwaka ngenkathi ebalala isigameko lapho uMandela ayalela khona ummeli wakhe ecaleni laseRivonia ukuthi uma betholwa benecala, benikwa isigwebo sentambo angabaceleli ushwele. "Lokhu kwakukhombisa ubuqhawe, ukuzimisela nenkolelo enzima kwiNingizimu Afrika ebumbene nengacwasi" kusho uNdunankulu. Uqhube wathi amagalelo nemizamo kaMandela yaygugquzela umhlaba wonke ngoba wayengumholi owayemele intando yabantu. Umchaze njengomuntu owayehlomphe, engazithwele futhi ebazisa abantu. "Ngenkathi ezovota okokuqala ngo 1994, uMandela wakhetha ukuvota oHlange, eNanda nokwathi emva kwalokho waya ethuneni likaMongameli we-ANC iNkosi Albert Luthuli. Lokhu kwakuwuphawu lokukhombisa inhlonipho nokuzehlisa" kusho okaMacingwane. Uthe umlando nomzabalazo wenkululeko kulelizwe uyahambisana negama likaMandela, wathi yingakho abantu emhlabeni wonke befikelwa ukukhuthazeka uma kukhulunywa ngoMadiba. Uthe ngemisebenzi



UNDunankulu wesiFundazwe saKwaZulu-Natal uMnu Thembinkosi Willies Mchunu

yakhe yokulwa negciwane lengculazi uyathemba ukuthi abantu besifundazwe saKwaZulu-Natal bayohlala beyimbumba ukulwa nalesisihlala. Uqhube wathi neKhabhinethi yesiFundazwe ihlezi isembhidlangweni yokugugquzela ukuzithiba kanti kunanemikhankaso eqhubekayo yokulwa nalesisifo. Uthe njengesifundazwe bayajabula ukuthi lengqungquthela yeNgculaza nesandulela sayo isibuya okwesibilim kuleli kanti

bayathemba ukuthi imiphumela yayo izosiza kakhulu ukwenza lesisifundazwe sibhekane kangcono nalenselela.

UNDunankulu ubesebala umkhankaso wesifundazwe u-Operation Sukuma Sakhe ukuthi kufanele abantu bawusekele ngoba yilapho bonke abaholi behlangana bese beya kubantu beyimbumba ukuze bathole izinsiza. UNDunankulu uthe uSukuma Sakhe utholakala kubo bonke omasipala kanye namawadi esifundazweni. Uthe eminyakeni edlule isifundazwe saKwaZulu-Natal sahlonzwa njengesifunda esinesibalo esikhulu sabantu abahaqwe yigciwane, kodwa manje izinto sezishintshile. Uthe yinkulu kakhulu inqubekela phambili esibonakala selokhu kwaqiniswa kakhulu imibhidlango yokusebenzisana nezinhlangano zemiphakathi. Uthe okwakubaluleke kakhulu kwaku wukunciphisa izigameko zokucwasana nokubandlululwa kwalabo abasebehaqwe yileligciwane. Uthe kumanje isifundazwe sesidlulile kulokho, sesizama ukuvimba, ukuqwashisa nokunikezwa kwemishanguzo

ukuthiba lesisifo. UNDunankulu uzwakalise ukweneliseka ngebanga eselihanjiwe kodwa wagcizelela ukuthi lolubhubhane alusoze lwanqotshwa ngaphandle kokubambisana okusezingeni kwazo zonke izinhlanga ezilwa naleligciwane, okubalwa kuzo oNompilo (Community Care Givers). Uthe oNompilo bayingxenywe yokulwisana naleligciwane ngakhoke ngeke bashiye ngaphandle. Uphethe ngokuthi imizekelo kaMandela wokuhlangana nokusebenzisana nazo zonke izinhlanga zomphakathi, yiwo owenze ukuthi kube nale nqubekela phambili esiyibonayo namhlanje. Uthe uHulumeni wesifundazwe uzimisele ukubeka lomthwalo emahlombe akhe ukuze isizwe sonke siphephe kulesisifo.

Uthe uMandela wafaka umdlandla kubantu abaningi ongabala kubo abacwaningi, ababhali, ososayensi, osopolitiki kanye nabanye ukuthi benze okuthize ukuze kuthintwe futhi kusize umphakathi. Uthe izimpilo zabantu abaphila nesandulela ngculazi zishintshile, kungenxa yemibhidlango eyaqalwa nguMandela.

UNDUNANKULU WAKWAZULU-NATAL UKUSHAYELE IHLOMBE UKUVULWA KWESIPHEHLI SIKAGESI INGULA POWER STATION EMNAMBITHI

SIBUSISO MAGWAZA

UNDunankulu uWillies Mchunu ukushaye lehlombe ukuvulwa kwesiphehli sikagesi Ingula Power Station esiseMnambithi nesidle ngaphezu kuka 25 bhiliyoni wamarandi. Uthe njengesifundazwe kufanele siziqhenye ngenqubekela phambili eyenziwe nguhulumeni omkhulu

ukuphucula izimpilo zabantu ngokubahlinzeka ngogesi. Kuzokhumbuleka ukuthi eminyakeni embalwa edlule izwe lonke like lathwala kanzima ngenkathi kucima ugesi lokhu okwenza kwadodobala izimbongi futhi kwaphazamiseka nemizamo kaHulumeni yokudala amathuba

emisebenzi. UNDunankulu uthe njengoba isifundazwe saKwaZulu-Natal kungesesibili ngenani labantu kuyacaca ukuthi yiso esizozuza kakhulu ngokuvulwa kwalesisiphehli.

• **Khonamanjalo**, uNdunankulu uphinde wahambela ukuvuselelwa

kwesinye sezikole ezindala kulesisifundazwe esidume ngokuthi — Amanzimtoti College, kanti ubehambisana noMongameli wezwe umnumzane uJacob Zuma kanye noSihlalo we African Union uDokotela uNkosazane Dlamini-Zuma. Kulomcimbi kuphendulwe isoyi lapho kuzokwakhiwa khona

amagumbi okufundela okubandakanya nokulungiswa kwezakhiwo ukuze lesisikole ekufunde kuso abantu abaqavile njengo Dokotela uDlamini-Zuma, Mongameli Robert Mugabe kanye nabanye sibe sezingeni elifanele. Imali yokulungisa lesisikole ivele kosomabhizinisi abazimele.

UNDUNANKULU UTHI UKUSIMAMA KWALESI-SIFUNDAZWE KWEZOMNOTHO KUNCIKE EKUBAMBISANENI KUKAHULUMENI NEZINHLANGANO ZOMPHAKATHI

SIBUSISO MAGWAZA


UNdunankulu waKwaZulu-Natal umhlonishwa u-Willies Mchunu uthi ukusimama kwesifundazwe kwezomnotho kuncike kakhulu ekubambisaneni kukaHulumeni kanye nezinhlangano ezifana ne Black Management Forum. Ukhlume kanje ngenkathi ethula inkulumo yokubungaza iminyaka engamashumi amane selokhu kwasungulwa lenhlangano yezimenenja zabansundu.

UNdunankulu uth eumthulela isigqoko umnumzane u-Don Mkhwanazi osanda kudlula emhlabeni ngeqhaza alibamba kunzima njengomunye wasunguli balenhlangano.

Uthe ukuhlngana kwenhlangano ebusayo i-ANC ekudingisweni kuxoxwa ngekusasa le Black Management Forum kwaba yigxathu elibalulekile lokuzinikela kwabamnyama ekulweni nobandlululo. UNdunankulu uth eukubunjwa kwalenhlangano sekulethe ushintsho olukhulu ezimpilweni zabantu. Uqhube wathi bona njengoHulumeni bazimisele ukuthola izaluleko ezivela kulenhlangano yezimenenja. Ukhumbeze izifundiswa ebezigcwele iholo eziqhamuka emikhakheni ehluahlukene ukuthi lenhlangano isikwazi ukuqeda iminyaka engu-40 nje, kungenxa yesiko nangezinhloso zayo. Ugcizelele ukubambisana nokusebenzisana phakathi

kwalenhlangano noHulumeni. Uthe inhlngano ebusayo kanye neBlack Management Forum kufanele bathekelelane ngemigomo ukuze babonise ukuthi iyiphi indlela okungasizakala ngayo abantu. OkaPhakade uth eufisa sengathi iBlack Management Forum ingaqhubeka nokubamba iqhaza elikhulu emnothweni wesiFundazwe. Uthe uHulumeni kanye nalenhlangano banombono ofanayo ekufukulweni kwabamnyama kwezomnotho nasekuvezeni amathuba. Ukuthaze lenhlangano ukuthi ingalinge iyeke ukugxeka uma kunezinto ezingahambi kahle kuHulumeni, wayinxenxa ukuthi ingagcini ngokubeka izici kuphela kodwa ayinikeze nezixazululo.

UMacingwane uth e kusona isiGungu sakhe songqongqoshe, kukhona ikomidi elibhekene nokusheshiswa kokuletha ushintsho emphakathini (Radical social transformation), yingakho ebona kungcono ukuthi basebenze ngokubambisana ezindaweni eziphatha umnotho. Esephetha uth eucabanga ukuthi kungaba umbono omuhle ukuthi i-Black Management Forum nayo ikwazi ukuhlomula kweminye yemisebenzi kaHulumeni ukuze labo ababencishwe amathuba nabo bakwazi ukuhlomula. Uthe lenhlangano ingalinge ikhohlwe ukuthi inomthwalo omkhulu wokufukula abamnyama ikakhulukazi kwezamabhizinisi. Ufisele onke amalunga



UNdunankulu wesiFundazwe saKwaZulu-Natal uMnu Thembinkosi Willies Mchunu

alenhlangano unwele olude nokuthi sengathi leminyaka abayigubhayo bangayiphindaphinda kaningi besebenza ngokuzikhandla ukubeka abamnyama kwibalazwe ngakwezomnotho.

Kuvulwe ikhasi elisha ekubambisaneni phakathi kweziqiwi nomphakathi

VUSI ZULU

Ukubambisana phakathi kwemiphakathi eyakhele isiqiwi saseHluhluwe-Imfolozi Park kanye nohulumeni kuthathe elinye igxathi ngesikhathi kwethulwa uhlelo lokuba lemiphakathi yakhelwe izibaya zokuphephisa imfuyo ezilwaneni zasendle.

Ungqongqoshe weZokuthuthukiswa KomNotho, Ezokuvakasha nokoNgiwa kweMvelo, umnumzane uSihle Zikalala ehamba nophiko Lokongiwa kweMvelo, Ezemvelo KZN Wildlife, bahambele indawo yasoKhukho, ngaphansi kwenkosi yakwaZungu nalapho befike bethula khona loluhlelo ngokusemthethweni.

Ubudlelwano phakathi kwesiqiwi nemiphakathi esakhele bese buya ngokuba bubi ngoba kusolwa ukuthi kunezilwane zasendle ezeqa esiqiwini zifike zibulale imfuyo yabantu abakhelene nesiqiwi.

Umphakathi ubukhala ngokuthi imfuyo ibilahleka futhi ifa. Ukhale nangokuthi muva nje, lezilwane zasendle bese zingena ngisho ezibayeni lapho bezifike zithathe imfuyo, ikakhulukazi izimvu nezimbuzi kanti lapho obekunemigoqo eqinile khona kuthiwa lezilwane bezimba imigodi zingene ngaphansi noma zijombe zingene ngaphezulu. Ekhuluma emcimbini wokwethula loluhlelo, uNgqongqoshe uZikalala ubalule ukuthi, “ Isiyonke, iyizigidi eziyishumi nambili zamarandi (R12 million) imali esiyibeke engxeny eukwenza lomsebenzi.

Phezu kwalezizibaya eziyikhulu esezakhiwe kuleminyaka eyisikhombisa edlule, sizokwengeza ngezinye ezingamakhulu amahlanu (500). Lokhu kusho ukuthi lomsebenzi uzothinta izizwe

zamazhosi eziyishumi, kanti lokhu kuzohlomulisa imiphakathi engamashumi amahlanu nantathu (53 traditional communities) eyakhele iziqiwi. Lomsebenzi-ke ngeke wenziwe yizinkampani eziyizikhondlakhondla kuphela, kepha kuzoqinisekiswa ukuthi amalungu emiphakathi kanye nabalimi abasafufusa, yibo abazoyibamba ekhaleni lempi yokwakha lezizibaya”.

Ungqongqoshe ubuye wakubeka ukuthi bubalulekile ubudlelwane obuhle phakathi kwesiqiwi nemiphakathi esakhele ngoba isiqiwi ngeke sichume futhi nomsebenzi omkhulu esiwenzayo wokonga imvelo uyofadalala uma kungekho ukusebenzisana.

Okunye okuhlalukile ukuthi kusukela emandulo ubudlelwane phakathi kwabantu nezilwane zasendle bebuvele busingethwe ngobuhlakani ngoba uma lokhu kungenzeki kuba nokungqubuzana. “Emandulo-ke lobubutha esesibubona namuhla, yize babukhona, kepha babungeyona ingozi kakhulu ngenxa yezizathu ezimbili ezinqala. Isizathu sokuqala esokuthi abantu basendulo babenolwazi olunzulu ngezilwane zasendle futhi bekufundile ukuthi kumele bazigweme kanjani. Lokhu kusho ukuthi indlela yabo yokuphila yayikubheke kakhulu ukuthi baphilisana kanjani nezilwane zasendle. Njengoba namuhla izingane ezikoleni zifundiswa ukuthi kumele ziziphathe kanjani emigwaqeni ngoba kuhamba izimoto ezinobungozi, nabo babekhula bekufundiswa ukuthi kumele baziphathe kanjani uma bebona izilwane zasendle. Isizathu sesibili ukuthi ukwanda kwabantu, nokuzinza kwabo ezindaweni



ezazikade zihlala izilwane zasendle, njengamahlathi nemifula, ziya ngokuya zincipha. Lokhu kuncintisana phakathi kwabantu nezilwane kudale ukuthi kube nokungqubuzana phakathi kwabantu nezilwane,” kubeka uZikalala. Ukuvezile ukuthi emandulo bekundlela yokonga imvelo ebihlonishwa ebibandakanya ukuthi kube nezilwane ezingazingelwa ngezikhathi ezithile zonyaka; ukuthi kube khona abaholi abambalwa okuyibo abanelungelo lokukhipha inqina kanti futhi kube nalezo zilwane ebezingalokothwa ngenxa yokuba yigugu kwazo. “ Indlala, ukujaha imali esheshayo, ukulimala kwezakhiwo zobuholi kanye nokuswela ulwazi, kungeminye yemithelela ekutheni sibone abantu bakithi behluleka ukonga imvelo kanye nokuphilisana nezilwane zasendle.

Njengomnyango ophathiswe umsebenzi wokongiwa kwemvelo, sizimisele ukusebenzisana nazo izinhlaka zomphakathi, kubandakanya amakhosi, osomabhizinisi, iziqiwi ezizimele, abezemfundo kanye nabomthetho ukuvuselela isiko lokunakekela imvelo,” kubeka uZikalala. UZikalala nethimba labaholi,

elibandakanya noSekela-Meya wesiFunda saseZululand, uKhansela Qwabe, bahambele umuzi wakwa Mchunu lapho befike banikezela khona ngesibaya sokuqala esakhiwe ngaphansi kwaloluhlelo. Lomndeni ungeminye yethint eke kakhulu yilesisimo ngoba ubusulahlakelwe yizimbuzi ezicela eshumini. Ezibongela ngokungenelela kukahulumeni, ugogo Nomalungelo (MaDanisa) uth e, “Ngiyajabula kakhulu ukuth uMnyango ubone kufanele ungisize ngivikele imfuyo yami, bese ngilahlekelwe kakhulu”.

Ungqongqoshe ube eseqinisekisa ukuthi njengoba sekuqaliwe nje ukwakhiwa kwalezibaya uphiko lwakwa KZN WILD LIFE ngeke lusema uzokwakha izibaya ezilinganisela emakhulwini amahlanu ngokwe mali ekhona , uma kuvela isidingo iyobe isiyengezwa. Kuwo lomcimbi, uZikalala ubuye wakuveza ukuthi Ezemvelo KZN Wildlife sewukhiphe imali engango R1,2 million ukunxephezela labo bantu abalinyazwa yizilwane zasendle. Uthe yize lezinxephezelo zingeke zababuyisela impilo yabo njengoba kade injalo labo abalinyazwa yizilwane, kepha uhulumeni unethemeba lokuthi lokho

okuvezayo kuyawenza umehluko.

“Njengohulumeni kaMsholoz i, sisebenza ngokuzikhandla ukulungisa lesisimo. Sikhuluma- nje sinezingxoxo noMnyango kwaZwelonke wezoKongiwa KweMvelo, ukuba sithole imali esiyidingayo ukuba siqinise ucingo futhi sifake izithiyo ezizokwenza ukuba izilwane zasendle zingaphumeli ngaphandle kwesiqiwi. Uma sesiziphothulile lezizingxoxo futhi sekukhona imali esiyitholile, siyobuya futhi ukuzobika ukuthi imali isitholakele bese sinazisa ukuthi umsebenzi uzoqala nini,” kubeka uNgqongqoshe.

Esephetha uZikalala, uphinde wakuqinisekisa ukuthi kunomsebenzi owenziwa nguMnyango wokuqhamuka namasu okuthi labo abakhele iziqiwi bahlomula kanjani emathubeni amabhizinisi ahambisana nokusebenza kwesiqiwi. “Lapha-ke angikhulumi ngamathenda kepha ngikhuluma ngemisebenzi efana nokwakhiwa kwamahotela; ukwengamela imisebenzi yokuhambisa abavakashi, ukushuka izikhumba kwakhiwe imikhiqizo ehluken e kanye nokunye. Uma seluvuthiwe loluhlelo nalo siyolwethula emphakathini owakhele isifundazwe sakithi.

Lokhu sikwenza ngoba kungaba yiphutha elikhulu ukuba iziqiwi zitholakale zitholakale zisimeme ngokomnotho, kepha imiphakathi eyakhelene nazo ibe idla imbuya ngothi. Uma sikwenza lokhu, siyokwenzela phezu kwesisekelo somthetho futhi siyobe siholwa ngumbono wokuba siqikelele ukuthi iziqiwi zakithi ziyakhula ziyadlondlobala,” kuphetha uZikalala.



“Indlala, ukujaha imali esheshayo, ukulimala kwezakhiwo zobuholi kanye nokuswela ulwazi, kungeminye yemithelela ekutheni sibone abantu bakithi behluleka ukonga imvelo”

UNgqongqoshe wezokuThuthukisiwa koMnotho, ezokuVakasha, nezokongiwa kweMvelo KwaZulu-Natali uMnu Sihle Zikalala

LIDLE UMHLANGANISO IHHOVISI LASEMAHLABATHINI KOWOKUNIKEZELWA NGEZINDONDO

Amanye amahhovisi angenza ngihlambalazeke lapho ngihamba khona, kodwa uMnyango usuzilungisile ezinye, futhi siyaqhubeka siyawakha amahhovisi.

MINENHLE MNCWANGO

Liqophe umlando ihhovisi loMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi elizinze endaweni yasemakhaya, leMahlabathini, ngesikhathi lidla umhlanganiso ngokwenza kahle ukuwedlula wonke esiFundazweni. Lokhu kuvele ngesikhathi uNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosikazi Weziwe Thusi, eklomelisa abasebenzi, namahhovisi aloMnyango, nezihlangano ezingenzi nzuzo ezisebenzisana nawo, emcimbini obubanjelwe e-Olive Convention Centre, maphakathi neTheku muva nje. Lolu hlelo uNgqongqoshe uThusi ulwenza minyaka yonke ngenhloso yokukhuthaza abasebenzi kanye nezihlangano ezingenzi nzuzo ezixhaswe uMnyango wakhe ngenhloso yokukhuphula izinga lokusebenzela umphakathi ngokuzikhandla nokuzimisela. Ekhuluma kulomcimbi, uNgqongqoshe ugcizelele ukuba abasebenzi boMnyango bangakhohlwa ukuthi umphakathi uthembele kubona. Uthe: “UMnyango

wezokuThuthukiswa koMphakathi ubalulekile emphakathini ngoba ubhekele kakhulu inhlalakahle yabantu, ngakho-ke kufanele umsebenzi wethu siwenze ngendlela ezokwenza ukuba umphakathi uzibonele ikhaya ongaphephela kulo ezinkingeni osuke ubhekene nazo. “Sonke sizosebenza lapha. Akafuneki umuntu ozicabangela yena. Kufanele umsebenzi siwuthande njengoba sizithanda thina. Lokho kuyojabulisa umphakathi nezwe lonkana,” kusho uNgqongqoshe uThusi. Uphinde waqinisa abasebenzi idololo mayelana namahhovisi angakalungiswa. Lamahhovisi akhiwa ngesikhathi sahlumeni wengcindezelo. Uthe isimo somnotho asisihle kahle ezweni kodwa abasebenzi ababekezele kuzolunga ngokuhamba kwesikhathi. Uthe: “Amanye amahhovisi angenza ngihlambalazeke lapho ngihamba khona, kodwa uMnyango usuzilungisile ezinye, futhi siyaqhubeka siyawakha amahhovisi. Nginyanxusa kulabo esingakabakheli ukuba babekezele ngoba kuseqhulwini ukulungiswa



kwengqalasizinda.” Kulomcimbi uNgqongqoshe ubehambisana neNhloko yoMnyango, uNkosazane Nokuthula Khanyile kanye nezikhulu eziphezulu eMnyangweni. Bekukhona nezinye izimenywa ezibalulekile, njengoMnumzane Xulu, oyisikhulu esiphezulu esikhwameni esinxephezela abalimale ezingozini zomgwaqo (Road Accident Fund). Izingozi zemigwaqo zineqhaza elikhulu ekubeni khona kwabantu abakhubazekile nezingane ezingasenabo abazali.

UMnumzane Mafezwe Khanyile, weHhovisi likaNdunankulu wesiFundazwe, uthi: “Uma nehluleka ukusebenzela umphakathi ngendlela lokho kunika izwe lonke isithombe esibi ngohulumeni wezwe ngoba loMnyango uphethe izimpilo zabantu, ngakho-ke kudinga uqinisekise ukuthi omsizayo umshiya enelisekile.” Ihhovisi laseMahlabathini elidle umhlanganiso lisebenzela endaweni yaseMashona. Linenselelo yokuthi abantu

abaqhamuka emiphakathini ehlukahlukene abathembele kulona kudinga ukuba bagibele kani ngi ukuze bafike kulona. Abasebenzi balo bayazama ngayo yonke indlela ukulekelela umphakathi njengoba kunezinsuku phakathi nesonto lapho bephuma beyosebenzela e-renki yamatekisi edolobheni lasoLundi ukuze umphakathi ubathole eduze njengoba kuyinhloso ngqangi kahulumeni wentando yeningi ukuba uye kubantu. Leli hhovisi lihlabene ngendondo yegolide emva kokuba noMeya kamasipala walendawo esanda kuligixabeza ngomunye futhi umklomelo. Lilandelwe elase Underberg lona elihlabane ngendondo yesiliva, elase-Melmoth lona lihlabene ngendondo yethusi. Lihlale esihlalweni esasithathwe yihhovisi laseNkandla ngonyaka owedlule. Amanye amahhovisi athole ukuhlonishwa ngezitifiketi yilawa: Illovu Skills Development Centre, amahhovisi aKwaDukuza, eZingolweni, eMadadeni, Utretcht, uPhongola kanye neRichards Bay.

Isahlomula koweZokuThuthukiswa koMphakathi intsha yase Dan Nkosi Youth Development Skills Centre

MINENHLE MNCWANGO

UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosikazi Weziwe Thusi, uhambele umphakathi waseDumbe enyakatho nesiFundazwe saKwaZulu-Natali ukuyobheka ukuthi umphakathi usaluthola ngendlela yini usizo eMnyangweni nasehhovisi eliseduzane nabo, emcimbini obuwendelwe enkundleni yezemidlalo eBilanyoni muva nje. Indawo yaseDumbe ingenye yezindawo ezisemakhaya, futhi esalele emuva kwezentuthuko, kodwa uMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi nohlumeni wonkana sebezamile ukwenza ngcono lesi simo. UNgqongqoshe uThusi wethulelwe umbiko oveza ukuthi umphakathi walendawo unabantu abasha abaningi abangasebenzi. Ube esetshela umphakathi izindaba ezimnandi zokuthi kuzokwakhiwa isikhungo esizobhekelela intsha lapho izothola ukucijwa kwezamakhono.

Uthe: “Kuzokhumbuleka ukuthi ngonyaka ka-2011 kwahlonzwa lendawo ukuba kwakhiwe isikhungo sokusiza intsha yethu ukuba icijeke kwezamakhono. Namuhla ngizonazisa ukuthi isikhona imali yokuba sakhiwe lesi sikhungo njengoba isakhiwo sikahulumeni esibhekelele ukuqeqeshwa kwentsha, iServices SETA, isikhophe imali elinganiselwa ku-R15 million yokuba kwakhiwe lesi sikhungo. “Nekolishi elibhekene nokuqeqeshwa kwamakhono (TVET College) lizibophezele ukuqeqesha intsha yethu,” kusho uNgqongqoshe uThusi. UMnyango uvele unezinhlelo zentuthuko kulendawo njengoba uxhase isikhungo esibizwa nge Dan Nkosi Youth Skills Development Centre ngemali elinganiselwa ku R700 000 ngonyaka. Kunentsha engu-25 ethathiwe yayoqeqeshwa ukunakekela intsha nabantwana (Child & Youth Care

Workers) kanti imali esetshenzisiwe ukwenza lokhu ingango-R540 000 Kunezikhungo ezimbili ezisiza umphakathi futhi ezibhalisiwe eMnyangweni ezixhaswe ngemali engango R981 891. Kuphinde kube nezinkulisa ezingu-22 ezikhulisa abantwana abangu-1 150 uMnyango ozixhase ngemali elinganiselwa ku-R2 783 528. Kunenhlango engenzinzuzo elwisana nokusetshenziswa kwezidakamizwa exhaswe iloMnyango kahulumeni ngemali elinganiselwa ku-R388 587. Kulomcimbi uNgqongqoshe uThusi ubehambisana nobuholi bendawo, Inkosi uLungelo Dlamini, Inkosi uSiyabonga Mthethwa, induna yendawo, uMnumzane Jabulani Mkhabela, uKhansela Majuba Mavuso, wewadi ebivakashelwe ubuholi ophinde ahlale esigungwini esiphezulu kumasipala waseDumbe, abuye aqaqele isikhundla sokuba yiMeya



UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natali, uNkosikazi Weziwe Thusi, ekhuluma namalunga omphakathi ngesikhathi ehambeleindawo yaseDumbe.

yaseDumbe. UKhansela Majuba Mavuso ugeqe amagula ebonga amagalelo aloMnyango ngendlela onakekela ngayo umphakathi. Uthe: “Siyabonga kuhulumeni. Kuningi loMnyango osukwenzile angeke ngikuqede, kodwa lapha kulendawo ayikho intandane engatholi sibonelelo sikahulumeni,

futhi noNgqongqoshe uselethe ithemba njengoba kuza isikhungo sokusiza intsha. Sithi lohlumeni akaqhubeke asihole.” Inkosi uDlamini ibonge uhulumeni onakekele indawo yayo, yasho nokusho ukuthi inobudlelwano obuhle nazo zonke izinhloko zikahulumeni.



“Uma nehluleka ukusebenzela umphakathi ngendlela lokho kunika izwe lonke isithombe esibi ngohulumeni wezwe ngoba loMnyango uphethe izimpilo zabantu, ngakho-ke kudinga uqinisekise ukuthi omsizayo umshiya enelisekile.”

UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natali, uNkosikazi. Weziwe Thusi

UNGQONGQOSHE WEZOBUCIKO NAMASIKO UBUYISELE AMADODA ENDLELENI

Thina njengomNyango sisazoqhubeka nokweseka ingoma namasiko ethu ngoba umuntu onengasiko usuke eselahlekelwe ngubuyena”.

GUGU XABA

UNgqongqoshe Wezobuciko Namasiko KwaZulu- Natali uNkk Bongiwe Sithole-Moloi uqinise ulimi eluleka amadoda ngokuziphatha kwawo ekwakheni isizwe esinesizotha, uthando kanye nempilo enhle. UNgqongqoshe uMaSithole-Moloi ukhulume nezinsizwa kanye nabanumzane abebeyingxeny yomncintiswano wengoma eMhlumayo kweseNkosi uSithole ngaphansi kukamasipala iNdaka eMnambithi. Abebebambe iqhaza kulomnciswano kubalwa amaqembu endlamu yezintombi, omama besigekle kanye namaqembu engoma yezinsizwa. Ingoma ishe laze layozilahla kunina esimweni sezulu ebesinomoya onamandla obususa uthuli kube mnyama inkundla. “Thina njengomnyango sisazoqhubeka nokweseka ingoma namasiko ethu ngoba umuntu onengasiko usuke eselahlekelwe ngubuyena”, kusho uNgqongqoshe uSithole-Moloi. “Amadoda angempela esiwaziyo thina yilawa angadlwenguli, angabashayi abantu besifazane nezingane nangabavikeli besizwe

nemindeneni yabo hhayi abahlukumezi”, kuqhuba yena uNgqongqoshe uSithole Moloi. Uthi abantu besilisa banejoka lokuvikela omaqondana babo ngokuthi bangahambi belala nawowonke umuntu. “Ngizonibekela kucace mina ngoba ngiwumuntu wesintu, inyoka mayibe nomgodi owodwa elala kuwo hhayi indaba yokuthi ihambe ingena kuyoyonke imigodi le ingaze ibuye nokufa ikulethe ekhaya”, kusho uNgqongqoshe uMaSithole Moloi. UNTulikazi yinyanga yamadoda kulelizwe ngakho noNgqongqoshe ubekhuluma ebhekise kuwo ngoba kuyinyanga yawo vele. Yize bekuwumqhudelwano wengoma kodwa iqembu lesicathamiya lendawo Abafana Benkokhelo banandise kwachazeka uNgqongqoshe nezihlwele. Isiyonke imali ewinwe yizigaba ezihlukene kube ama R38 000. Usihlalo wendlu yabaholi bomdabu kwaZulu-Natali iNkosi Phathisizwe Chiliza uhlalile wazibona zibulalana ngengoma kwaze kwahlwa.



UNgqongqoshe Wezobuciko Namasiko KwaZulu- Natali uNkk Bongiwe Sithole-Moloi ehleli neNkosi uChiliza kanye neNkosi uSithole

UMnyango wezobuCiko namaSiko usuhloniphe izintombi-nto ngezitifiketi

TALENT BUTHELEZI

UMnyango Wezobuciko Namasiko usuwuqale ngokuhlonipha ngezitifiketi izintombi ezisahleli ngentombi yize sezindala, umnyakazo wokulungisela ukuya eMkhosini Womhlanga. Ngasekuqaleli kuka Ntulikazi izintombi-nto ezihlala eThekwini namaphethelo zibuthane eNtshongweni entshonalanga yeTheku lapho zihlonishwe ngezitifiketi zokuziphatha kahle zaze zadlula eminyakeni engama 21. Lomcimbi obusendaweni yeNkosi uShozi ubuhanjelwe nawuMntwana WaseNdlunkulu kaZulu uMukelile oyindodakazi yeSilo Samabandla iNgonyama uZwelithini. Izintombi zikhuthazwe ngokubaluleka kokuzi phatha kahle, imfundo kanye nobuhle bokugcina usiko. Umntane'Silo uMukelile uthi kubalulekile ukugcina usiko nokuziqhenya ngemvelaphi yakho njengomzulu. Kulenkulumo ngifuna ukugcizelela ngemfundo-ukuba intombi nto kuhle, kodwa kuhle kakhulu ukuba intombi nto efundile

ukuze ukwazi ukuziphilisa futhi ivikeleke ezifweni ezihambelana nocansi. UNgqongqoshe Wezobuciko Namasiko uNkk Bongiwe MaSithole-Moloi ukhiphe umyalezo othi loMnyango wakhe ngeke uyeke ukweseka izinhlelo zobuciko Namasiko. “Thina njengoMnyango siyazimisela ngoku xhasa nokuthuthukisa imiphakathi yakulesifundazwe sethu esihle ngamasiko” Kusho umyalezo ovela kuNgqongqoshe uMaSithole-Moloi. Okhulumele izintombi-nto uNksz Philisiwe Mzolo ubonge uMnyango Wezobuciko Namasiko ngokubambisana noMasipala weTheku ngalomcimbi wabathembisa ukuthi bazoqhubeka nokuzi phatha kahle. Nemeya yeTheku uMnu James Nxumalo ubekhona kulomcimbi obudle ngemvunulo nengoma izintombi-nto zingqabashiya zikhombisa ukuzethemba.

UMNYANGO UTHI SEKUVALIWE UKWAMUKELWA KWEZICELO ZABAFUNA USIZO

SIDUDUZIWE KHANYILE

UMnyango Wezobuciko Namasiko KwaZulu-Natali uthi selidume ladlula kulabo abebesagaqele ukufaka izicelo zokusizwa ngemali ngaphansi kohlelo iGrant In Aid. Ngaphambi kokuthi kufike umnqamlajuqu, uMnyango ubambe isithangami sokufundisa nokuhlomisa amaciko nabaphathi bezinhlangano ezingagaqele nzuzo ngemibandela nemigudu elandelwayo uma kufakwa lezizicelo zesibonelelo ePort Shepstone ogwini oluseningizimu yeKwaZulu Natali. Ukwamukelwa kwezicelo kuvale mhla ziyi 15 kuNtulikazi. UMnu Thabang Moshoeshe ongusihlalo womkhandlu wezobuciko namasiko iArts and Culture Council uthi uMnyango wamukele inqwaba yezicelo zoxhaso kodwa akubona bonke abazothola njengoba bezonika angama 41 kuphela isifundazwe



UNgqongqoshe wezamaciko, Amasiko, Imidlalo nokuNgcebeleka uBongi Sithole-Moloi

siphelele. UNgqongqoshe Wezobuciko Namasiko uNkk Bongiwe Sithole-Moloi uthi bahlele ukuthi iqembu ngalinye lizothola isamba semali engaye ifinyelele ezi R60 000 wamarandi.

“Kubalulekile ukuthi uma izinhlangano sezithole uxhaso lwemali yesibonelelo, zifezekise imisebenzi yezobuciko hhayi ezinye izinhloso”, kusho uNgqongqoshe uSithole-Moloi. Uthi abazotholakala ukuthi bayisebenzisele izidingo zabo eziseceleni imali yesibonelelo kuyobe bephula umthetho ngakho bazobhekana nengalo yomthetho. Ohola iqembu labantu abasha kwezobuciko uNksz Sibongile Septermber uthi uma iqembu lakhe lingathola uxhaso kuzosho lukhulu kubona. “Ukuthola loluxhaso kuzosiza ukuthi sikwazi ukuthenga izinsiza kusebenza “ Kusho u September. Uthi izinhlelo ezifana nalezi kufanele ziqhubeke ngoba zigqugquzela abantu abasha ukuthi bengagcini ngokufuna ukuqashwa kodwa baziqashe bona ngokwabo ngokwenza imisebenzi yezandla.



“Thina njengomnyango sisazoqhubeka nokweseka ingoma namasiko ethu ngoba umuntu onengasiko usuke eselahlekelwe ngubuyena”, kusho uNgqongqoshe uSithole-Moloi. “

UMTAPO WOLWAZI WOMPHAKATHI WASENDUMO ODLE U-R17 MILLION

UNgqongqoshe uBongiwe Sithole-Moloi, ehambisana namanye amalungu esiShayamthetho seSifundazwe, bavakashele uMtapo Wolwazi waseNdumo ngaphansi kukaMasipala Wendawo yaseJozini.

Ukwakhiwa kwalesi sikhungo kuyingxenye yomklamo kahulumeni weSifundazwe Inkululeko Development Project.

UMnyango usebenzise imali engaphezu kuka- R17.2 million ngalesi sakhiwo; kulesi samba njalo awabaliwe amakhompyutha kanye nezinsiza zomtapo wolwazi. Lo mtapo wolwazi, owakhiwe ngenhloso yokuhlomulisa abafundi bakulo masipala, usuvele usunamalungu angaphezu kwayi-170 aserejistile. Uvulwe ngoMbasawakuwona lo nyaka.

Kulo mtapo wolwazi kunezinhlelo ezibhekelele ukuthuthukiswa kwezingane ezisencane ezizogcina izingane zinotho ezilwenzayo ngenkathi abazali bona besebenzisa izinsiza ezikuwo. Lo mtapo wolwazi unanezinsiza



zokudlala ezihlinzekelwe intsha engasebenzi.

Kuwona lo mtapo wolwazi uthola nokusebenzisa i-internet mahhala kanjalo nokuprinta noku-scanner ngokwelekelelwa ama- cyber

cadets, okwenza kube lula kwabafuna umsebenzi ukuba basebenzise lezi zinsiza ukwenza ama-CV abo kanjalo nokubheka izikhangiso zezikhala zomsebenzi. Kukhona nezinsiza zokulekelela

abafundi bakuwona wonke amazinga emfundo uma benza amaprojekthi abo esikole.

UMnyango uye waqinisekisa ukuthi kunezindawo zokutadisha ezanele ezihlinzekelwe intsha efunda ezikoleni naleyo efunda ezikhungweni zemfundo ephakeme kanjalo nabantu abadala abasaqhuba izifundo zabo.

Ukwakhiwa kwalo mtapo wolwazi kuhambisana nemiphumelangqo ebekwe oHlelweni Lwentuthuko Lukazwelonke ebandakanya ukuncishiswa kwesibalo sabantu abangakwazi ukufunda nokubhala, ukwenza ngcono indlela yokufinyelela olwazini, ukwenza ukuba uwonkewonke akwazi ukuthola i-internet kanye nokufaka isandla ekudalweni kwamathuba omsebenzi.

Lo mklamo udale amathuba omsebenzi angaphezu kwama- 50. Lo mtapo wolwazi ungomunye wengama-44 esiFundazweni ehlo mule emklamweni i- Mzansi Libraries Online Project,

okunguhlelo loMnyango Wezobuciko Namasiko kaZwelonke olungaphansi koMtapo Wolwazi kaZwelonke eNingizimu Afrika.

UNgqongqoshe Sithole-Moloi uthethe, “Sinxusa umphakathi ukuba ubambisane nathi ekugcineni lesi sakhiwo, izinsizakufunda kanye nezinsizakusebenza zonke ziphephile, njengalokhu kuzosizakala wona umphakathi kanye nezingane zawo uma nje besinakekela ngendlela efanele.

Asikukhuthazi neze ukucekelwa phansi kwempahla njengalokhu kuhlehlisela emuva inqubekelaphambili eseyenziwe ukuphucula izimpilo zabantu bakulesi sifundazwe.

Lezi zikhungo zakhelwa ukuguqula izimpilo, sisazoqhubeka nokwethula izinhlelo ezifana nalezi nakwezinye izingxeny zeKwaZulu-Natali ngenhloso yokukhuthaza ukufinyelela olwazini.”

UNgqongqoshe wezempilo unxusa abazithwele ukuba baye koxukuza

Akekho noyedwa umama noma untwana okumele ashone ngesikhathi umama ebeletha ezibhedlela zikaHulumeni. Ukuze lokhu kufezuke, abantu abasha kumele bazithibe, bangajahi ukuya ocansini, kanti abesifazane abasola ukuthi bazithwele kumele bavakashele emtholampilo ngokushesha ukuze kuthi uma kukhona inkinga isheshe itholakale.

Lokhu kushiwo uNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natal uDkt. Sibongiseni Dhlomo ngesikhathi evula igumbi lokubeletha emtholampilo i-Somkhele eMtubatuba ogwini oluseNyakatho nesifundazwe saKwaZulu-Natal.

UDkt Dhlomo uphinde waphelezela uNdunankulu waKwaZulu-Natali, uMhlonishwa uMnuz Willie Mchunu, ngesikhathi kuvulwa umtholampilo omkhulu, i-Pomeroy Community Health Centre eMsinga ngoLwesithathu. Lokhu kulandelwe wukuvulwa komtholampilo waseMndozi, eMajuba District.

Lezi yizimpawu zokuzimisela kukaHulumeni ukuqinisekisa ukutholakala kwezinsiza zezeMpilo kubantu, kuzo zonke izinkalo zezwe, ngaphandle kokukhetha ibala lomuntu noma indawo ahlala kuyo. UDkt Dhlomo uthethe: “Sigqugquzela wonke umuntu osola ukuthi ukhulelwe aukuthi aye emtholampilo. Lemitholampilo inabahlengikazi abaholelwa



uhulumeni ukuba banisize. Wozani emtholampilo nithole usizo.

“Lemitholampilo ayiyona imhlobiso kodwa owokuthi niwusebenzise. Ukushesha uye emtholampilo kwenza ukuthi uma unezinkinga mayelana nokukhulelwa ukwazi ukuthola usizo ngokushesha ukuze wena nomntwana omuthwele niphephe.”

UDkt Dhlomo uthethe ngesikhathi kwethulwa izingqwebembe

zokulwisana nobaba abathandana nezingane ezincane, o-Sugar Daddy, KwaHlabisa eminyakeni emithathu edlule, kwakusukela ekutheni amantombazane angu-1 575 angaphansi kweminyaka engu-18 ayekhulelwe.

"Kuyiqiniso impela ukuthi lokhu kukhulelwa kusuke kungahlelelwe. Kubeka engcupheni impilo kaMama kanye nengane esuke ingakazalwa.”

Unxuse abazali ukuba baluleke izingane ukuba zingazibandakanyi nezothando zisesencane, wathi kumele zizame ndlela zonke ukuzithiba. Uthe lawo mantombazane angasakwazi ukuzithiba kumele aye emtholampilo oseduze asebenzise ukuzivikela okumbaxambili (Dual Protection) nokuwukuthi abesifazane nabesilisa basebenzise izindlela zokuhlela

UNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natal uDkt. Sibongiseni Dhlomo embula imibhalo yokuvulwa ngokusemthethweni komtholampilo i-Somkhele e-Mtubatuba eNyakatho no-Gu nesifundazwe saKwaZulu-Natal.

umndeni, baphinde basebenzise ne-condom njalo uma beya ocansini. Lokhu kuvikela ukuthola izifo zocansi kanye nesandulela ngculazi. UDkt Dhlomo uphinde wexwayisa abasebenzi bezempilo ngokwehlulela abantu abasha uma beza emtholampilo bezofuna usizo lokuhlela, wathi lokhu kungaholela ekutheni bengabe beseza emitholampilo.

UDkt Dhlomo uphinde wanxusa bonke abasebenzi bezempilo ukuba baqinisekise ukuthi zonke izikhungo zezempilo ziba zivulelekile uba zisetshenziswe yintsha, futhi ziyenza izizwe yamukelekile.



“Sigqugquzela wonke umuntu osola ukuthi ukhulelwe aukuthi aye emtholampilo. Lemitholampilo inabahlengikazi abaholelwa uhulumeni ukuba banisize. Wozani emtholampilo nithole usizo.

X

LOCAL GOVERNMENT ELECTIONS

03 AUG 2016

MPHAKATHI WAKWAZULU-NATAL ASIHAMBE SIYOVOTA!

IEC

UNDunankulu waKwaZulu-Natal uMnu Willies Mchunu





I-KZN ISIBEKEKE EBALAZWENI LOMHLABA NGO-MADIBA

Ngenxa yabantu abafana noMadiba nabanye abaningi abasebenza kanye naye emzabalazweni, izwe lakithi likhombise umhlaba ukuthi lento okuthiwa ukubuyisana yinto ekhona.

VERNON MCHUNU

siFundazwe saKwaZulu-Natali sesibe ngesivelele emhlabeni wonke jikelele kulandela ukuthuthelaka kwezinkumbi zabantu bakuleli nabavela emazweni angaphandle bezobungaza kusona usuku lokuzalwa kuka Nelson Mandela, nokuqondane nonyaka nokuvulwa kwengqungquthela yomhlaba wonke yokulwisana nesifo sengculazi.

Ngomsombuluko mhla ziwu 18 ku Julayi, wusuku uMadiba azalwa ngalo, kanti minyaka yonke umhlaba ubungaza lolusuku ngenhloso yokuqhakambisa ubunjalo bukaMandela njengomuntu owakhombisa ukukhohlwa nya ukuzibhekelela yena siqu sakhe kepha wasebenza impilo yakhe yonke ezibophezele ekwenzeni ngcono izimpilo zabanye abantu, ikakhulukazi ukwakha ubulungiswa nokulingana emhlabeni wonke jikelele.

Isifundazwe semukele izithunywa,

izihambeli kanye nezivakashi emcimbini obukhethekile nobubanjelwe endaweni lapho uMandela aboshwa khona ngumbuso wobandlululo ngonyaka ka 1962 kulandela ukuzibandakanya ngaphansi kwenhlangano iAfrican National Congress emzabalazweni wokulwisana nokucindezelwa kwabantu abamnyama eNingizimu Afrika.

Emukela izihambeli, ungqongqoshe wezokuBusa ngokuBambisana neZindaba Zomdabu esifundazweni, uMhlonishwa uNomusa Dube-Ncube, nobebambele uNdunankulu wesifundazwe ubaba uWillies Mchunu, uchaze usuku lokuzalwa kukaMadiba njengolohlala luyisikhumbuzo ngeqhawe elazibophezela ukwenza ngcono izimpilo zabantu abacindezelwe ukuze kwakhiwe umhlaba onobulungiswa, ukuthula nokulingana. “Lolusuku silugubha

ngesikhathi esibalulekile nonyaka lapho khona iNingizimu Afrika kuyiyona esingethe iNgqungquthela yama 21 yoMhlaba Wonke ukulwisana nesifo sengculazi (21st International Aids Conference), nokungumsebenzi ubaba uMadiba owazibophezela kuwona ngamandla akhe onke kusukela ephumile eRobben Island esengumongameli weNingizimu Afrika eyayisikhululekile,” kusho uDube-Ncube, nobehambisana noNgqongqoshe wezolimo uMhlonishwa uThemba Mthembu kanye nongqongqoshe wezokuhlaliswa kwabantu umhlonishwa uRavi Pillay, enkulumweni ayethule eHowick lapho uMadiba waboshwa khona.

Khonamanjalo lelithimba longqongqoshe libeke kulendawo izimbali kwaphinda futhi kwatshalwa izinhlahla ezingu 67 zohlobo lwe Yellow-wood, nokuyisikhumbuzo sokuthi

uMadiba wanikela iminyaka engu 67 yempilo yakho ekusebenzeleni ubulungiswa.

“Ngenxa yabantu abafana noMadiba nabanye abaningi abasebenza kanye naye emzabalazweni, izwe lakithi likhombise umhlaba ukuthi lento okuthiwa ukubuyisana yinto ekhona.”

Sikhombise umhlaba ukuthi umfutho woluntu ungakwazi ukunqoba ngaphezu kwanoma ngabe hlobo luni lobubi; Sikhombise ukuthi ithemba ngempela kalibulali; Sakhombisa ukuthi ingaba khona iNingizimu Afrika eyakhelwe kwimigomo yokuvikelwa kwamalungelo abantu bonke, ukulingana kanye nobulungiswa,” kuqhuba uDube-Ncube.

“Indawo lena esimi kuyona njengamanje (lapho kwaboshelwa khona uMadiba) isiphenduke uzibuthe odonsa izinkumbi zabantu emhlabeni wonke jikelele, kanye

nakubona bonke abafisa ukuthi beze lapha eKZN bezozibonela futhi bazizwe benomuzwa ngobuqhawe uMadiba aduma ngabo.

“Kanti futhi njengohulumeni wesifundazwe, sesisebenzise lesisizinda njengendawo lapho kweqiwa khona intambo emveni komjaho wabasubathi osubanjwa minyaka yonke, noheha abagijimi abangabi ngaphansi kuka 10 000 nokubandakanya imindeni yabo, ubanjelwa ngaphansi komkhandlu-masipala uMgungundlovu, nokungumjaho osudume futhi ngokuheha abavakashi waphinda futhi waholela ekuthuthukiseni umnotho wesifundazwe kakhulu,” kusho uDube-Ncube, nobe esenxenxa abahambeke ingqungquthela yeAids nonyaka kanye nabo bonke njeke abantu ukuba bangalenzi iphutha lokungedluli babone lapha uMadiba aboshwelwa khona.



“Lolusuku silugubha ngesikhathi esibalulekile nonyaka lapho khona iNingizimu Afrika kuyiyona esingethe iNgqungquthela yama 21 yoMhlaba Wonke ukulwisana nesifo sengculazi (21st International Aids Conference)”

UNgqongqoshe weZokubusa Ngokubambisana Nezindaba ZobuHoli BeNdabulo, uNomusa Dube-Ncube

KUPHENDULWE INKANTOLO ENDALA YABA ISIKHUNGO SOKUPHA ABAHLWEMPU OKUYA NGASETHUNJINI

HLENGIWE BLOSE

Usushayelwe ihlombe uMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natali, ngokuguqula ibhilidi elaliyinkantolo endala lenziwe indawo yokupheka ukudla kuphinde kuphakelwe amalunga omphakathi alala engadlile endaweni yaseNhlangwini, kuWard 1, eFodo, ngase Harding. Udaba lokuvulwa kwalesi sikhungo esaziwa ngeCommunity Nutrition Development Centre (CNDC) luvele ngenkathi uNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosikazi Weziwe Thusi evakashele kulendawo ukuyogubha usuku lokugubha usuku iWorld Population Day. Uthe: “Kuzolungiswa inkantolo endala yendawo, ithuthukiswe ibe sezingeni elifanele, bese kusetshenzelwa khona. “Ngaphandle kwabantu abahlwempu, isikhungo sizophinde sibhekelele nabantu abahaqwe igciwane lengculaza nesandulela ngculaza, kanye nabantu

asebekhulile. “Abazukugcina ngokuphakelwa ukudla, kodwa bazophinde baciwe amakhono. “Ngokuba khona nje kwalesi sikhungo, umphakathi uzohlomula ngamathuba emisebenzi njengoba kuzoqashwa abapheki, unogada nabantu abazoletsha futhi balungise ukudla. “UMnyango ubeke imali engango-R607 500 ezobhekelela lomsebenzi,” kuchaza uNgqongqoshe uThusi. Ekhulumela ubuholi bendabuko endaweni, Inkosi uSenzo Dlamini, uhambe emagameni kaNgqongqoshe lapho ethe: “Kuyiphupho okwenzeka esigodini sami namhlanje ngoba baningi abantu abazosizakala kuloluhlelo. Bani ngi abantu abalala bengadlile. Okukhulu kunakho konke ukuthi bazocijwa amakhono ukuze bakwazi ukuzimela bangahlale beyame kuhulumeni.”Echaza ngeWorld Population Day, uNgqongqoshe uThusi uthi: “Lolu suku lugujwa njalo ngonyaka, mhla zingu-11 kuNtulikazi (July), ngenhloso yokuqhakambisa izinselelo eziba

khona ngenxa yokukhula kwesibalo sabantu, ikakhulukazi izingqinamba eziqondene nokuthuthukiswa kwabo, kuphinde kutholwe nezisombululo zazo.”Ezinye zezinselelo ezibhekene, ikakhulukazi nentsha yanamhlanje, yilezi: ububha, ezemfundo, ezempilo, ukukhulelwa kwezingane, ukushadiswa kwezingane, amathuba omsebenzi, njalonzalo. “Isiqubulo salonyaka sithi: ‘Asibhekelele abantu abasha besifazane.’ Lapho sisuke sithi nomuntu wesifazane omusha oqhuzukile, owile, akuphelile ngaye. Vuka uzithathe uqhubeke nempilo! Siphinde sigqugquzele nosaziphethe kahle ukuthi akahubeke ukuze ikusasa lakhe liqhakaze. “Asingabakhohlwa nabakhulelisayo. Obaba baneqhaza abangalibamba ekukhuliseni izinsizwa eziyikhathalele imbokodo ziphinde ziyivikele egciwaneni lengculaza, kuvinjwe nokusabalala kwalo,” kusho uNgqongqoshe uThusi. Ube eseqondisa kubazali lapho ethe: “Nani bazali ngifisa



UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natali, uNkosikazi Weziwe Thusi (ophakathi nendawo), iLungu lesiShayamthetho, uNkosazana Nontembeko Boyce, neNkosi yakwaFodo, uSenzo Dlamini, ngesikhathi kwethulwa ngokusemthethweni isikhungo sokudla komphakathi.

Isithombe: **MTHOBI MBANJWA**

sibambisane ekukhuliseni abantwana. Ningazisabi izingane zenu. Nivuleleke kuzo ukuze zikwazi ukuxoxa nani. Nathi sibadala nje sadlula kulezi zinto abadlula kuzo.” UNgqongqoshe ube eseluleka abazali ngamalungelo abantwana abanawo. Uthe: “Amalungelo

abantwana yilawa: ukukhuliswa, ukuvikeleka, ukubanika uthando nokondliwa kodwa ingane kumele iwazi umthetho wasekhaya futhi iwugcine. Abazali bangacashi ngesithupha ngoba besaba ukukhulisa izingane ngendlela eqotho,” kusho uNgqongqoshe.

Zehlile izindleko zokugibela kwabafuna usizo kowezokuThuthukiswa koMphakathi eNtambanana

Uselivule ngokusemthethweni uNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosikazi Weziwe Thusi, ihhovisi las’ Obuka, eselisize ukuthi zehle izindleko zokugibela kubantu uma befuna usizo eMnyangweni wezokuThuthukiswa koMphakathi. Ngaphambilini umuntu ophuma emphakathini waseNtambanana bekumele akhiphe imali engango-R120 ukuya nokubuya uma eyofuna usizo emahhovisini aloMnyango. Konke lokhu kuphelille njengoba uhulumeni esesondele kubantu wabakhela ihhovisi elibize imali engango-R14, 7 million. Ihhovisi las’ Obuka lihlinzeke amahhovisi akwaSASSA abhekene nezibonelelo nezimpesheni, indawo yomphakathi yokuhlanganyela, indawo yokudla, izindlu zangasese,

okukhona kuzo nezabantu abakhubazekile, kanti kukhona ozwingi, imishushuluzo nokunye kokudlala uma abazali nababheki babantwana beyothola usizo ngaphakathi. Bangama-29 sebebonke abantu abasha abathole amathuba emisebenzi ngokwakhiwa kwaleli hhovisi, okuhlanganisa abantu besilisa abangu-25, kanye nabesifazane abane. Ekhuluma emcimbini wokwethulwa kwalesi sakhiwo esisendaweni engaphansi koMkhandlu was’ oThungulu ngaphansi kukamasipala waseNtambanana, uNgqongqoshe uThusi, uthi: “Ngalesi sakhiwo sekuzophuma abantu abanamakhono futhi asebethole nesipiliyoni ekwakheni njengoba bezophinde basetshenziswe nangomuso. “LoMnyango

kahulumeni esiwumele unezinhlelo zokulwisana nezidakamizwa. EMnyangweni kunezinhlelo zokwakha amakomidi emiphakathi abhekene nokulwisana nokusetshenziswa kwezidakamizwa ezihlasele intsha, ikakhulukazi. “Yingakho singuMnyango sakhe leli hhovisi ukuze sikwazi ukuyibamba intsha emiphakathini ngezinhlelo zethu, “UMnyango unezikhungo zabantu abasha zokubafundisa ngamakhono ahlukahlukene nokubafundisa ukuzimela emabhizinisini. “Kunezinhlelo eziphathelene nabantu besifazane ukubakhuthaza ukuthi bazimele ngoba iningi labesifazane bazibukela phansi,” kusho uNgqongqoshe uThusi. Ngaphansi koMkhandlu uThungulu, uMnyango uxhase izinhlangano ezingenzi



Bekukuhle kudlele ngesikhathi uNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosikazi Weziwe Thusi (kwesokudla), evula ngokusemthethweni ihhovisi las’ Obuka. Anabo uMphathi wakwaSassa esiFundazweni saKwaZulu-Natali, uNkosikazi Pearl Bhengu, kanye nobuholi bendawo.

nzuzo ngemali engu-R72,3 337 million ukuze zikwazi ukusiza imiphakathi. UMnyango uphinde uxhase izinkulisa ezingaphansi koMasipala waseNtambanana ezingama-27 ngemali ebalelwa ku-R6 750 878. Kunenhlango engenzi nzuzo eqwashisa ngokusetshenziswa kwezidakamizwa ebizwa

ngoSANCA, uMnyango oyixhase ngemali engu-R1 037 538. UNgqongqoshe uThusi ube esedlulisela ukudla emindenini eyishumi entulayo kulendawo yaseNtambanana ngaphansi kohlelo loMnyango wakhe olwaziwa ngokuthi yi-social relief of distress. Ube esepha ogogo nomkhulu izingubo zokulala.

UNgqongqoshe uThusi uligubhe nemindenini eshonelwe abantwana usuku lokuzalwa kukaMadiba

MINENHLE MNCWANGO

UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosikazi Weziwe Thusi, ugubhe usuku lokuzalwa komholi ohlabahlosile umhlaba wonke nemindenini yezingane ezishone esigamekweni esishaqisayo sokusha nekhaya, eThekwini, muva nje. UNgqongqoshe uThusi uthi vele abantwana babeseduze nenhliziyo kalomholi ongasekho emhlabeni owaziwa ngelikaMadiba, owaba uMengameli omnyama wokuqala kahulumeni wentando yeningi kuleli lizwe, uMnumzane Nelson Rholihlahla Mandela. UNgqongqoshe uThusi uvuke ekuseni wayobheka umonakalo odaleke esikhungweni esigcina

abantwana esathungeleka ngomlilo imbanganla yawo engakaziwa. Kulesi sigameko kwashona abantwana abayisishiyagalombili. Lesi sikhungo esaziwa ngeLakehaven siseNewlands East, enyakatho neTheku, kanti igama laso yi Durban Child Welfare and District. UNgqongqoshe uThusi uye wayozibonela umonakalo owenzeka wase ethola amagama ezingane ezashonayo, okungo: Minenhle Ngcobu, Sibongiseni Nxumalo, John Shusha, Sifundo Ndlovu, Ajesh Passad, Gabriel Mbambo, Fisani Chala kanye noSandile Duma. Ube esethola ukuthi imbangela yomlilo ayaziwa kodwa udaba luyasetshenzwa uMnyango wezokuPhepha. Usume lapho wayovakashela umndeni

wakwa Passad, ePhoenix, owashonelwa yindodana yawo u-Ajesh. Ufike lapho wabonana nomdeni ephelikezelwa yizikhulu zoMnyango. Umndeni ubumelwe uMnumzane Rajesh Passad, ongubaba ka-Ajesh. Ngenxa yokuthi ngesikhathi kwenzeka umonakalo osonhlalakahle babika ukuthi isimo somndeni asisihle kahle, uNgqongqoshe uThusi ube esenikezela ngokudla. Uthe: “Silapha ukuzozwakalisa ubuhlungu esibuzwile siwuMnyango ngokulahlekela umtwana, kodwa siyethembisa ukuthi sizokuba kanye nani ngosuku lomngcwabo.” Ube esesuka lapho wamabombo wawabhekisa esiFundeni Ugu, e-Port Shepstone, ngaphansi

komkhandlu iHibiscus, lapho ebeyobona umphakathi ongaphansi kwesizwe sakwaNzimakwe, obuhlanganele eMcadodo Early Childhood Development Centre. Lomcimbi ubuwenziwe ngokubambisana nomasipala waseHibiscus. UNgqongqoshe uThusi ufike bematasa abasebenzi boMnyango wakhe bepheka wabalekelela. Ubehambisana neMeya kaMasipala wase Hibiscus, uKhanzela Nomusa Mqwebu, neNkosi yeSizwe uBhekizizwe Nzimakwe kanye nelunga lesiShayamthetho, uNkosikazi Nonzwakazi Swaartboi-Ntombela. Uthe: “Silapha ukuzobungaza usuku lweqhawe lethu uDokotela Nelson Mandela,

owachitha isikhathi sakhe ukuze sithole inkululelo. Yingakho sizobungaza nabantwana bethu ngoba wayebathanda kanye nabantu asebekhulile, ogogo nomkhulu.” UNgqongqoshe uThusi ube esephakela abantwana kanye nogogo nomkhulu nabo bonke abantu abebekhona lapha ebambisene noMeya. Uphinde wadlulisa izipho zabantwana, okubalwa kuzo izingubo zokulala uma besenkulisa, izitulo ezingama-30, amatafula ayi-5, amathoyizi, nezinto zokugxumagxuma zodado. Abasalanga ngaphandle ogogo nomkhulu, njengoba nabo bethole izingubo zokulala kanye nemindenini ehlonzwe njengethwele kanzima elala ingadlile yona ayinike ukudla.

INTOKOZO EMPHAKATHINI WASEMAKHABELENI WAKHELWA IDUPHU LEZINKOMO

BRENDA MQWAMBI

Kube yinjabulo enkulu emphakathini waseMakhabeleni eKranskop ngenkathi uNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya, uMnuz Themba Mthembu, evula ngokusemthethweni idiphu lakule ndawo. Umphakathi wakule ndawo wanxusa uMnyango ukuba uwakhele idiphu, nokwagcina ngokuthi uMnyango usivume isicelo sawo futhi ulakhe idiphu kule ndawo. Ukwakhiwa kwediphu kule ndawo kungeminye yemizamo ebalulekile yokuthuthukisa imboni yezemfuyo esiFundazweni njengalokhu le ndawo ingezinye zezindawo ezihamba phambili ekufuleni izinkomo kanye nezimbuzi. UMhlonishwa uMthembu uyalele abantu bakule ndawo ukuthi bangenza inzuzo enkulu uma bengagxila kakhulu ekudayiseni izimbuzi kanye nezinkomo njengoba kuvela ukuthi



UNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya eKZN, uMnuz Themba Mthembu, ubejabule ngesikhathi kwethulwa ngokusemthethweni amadiphu

iKwaZulu-Natal yona ithenga izimbuzi ezingu-270 000 eziphilayo ngonyaka e-Eastern Cape naseNamibia. Yize kunjalo, IsiFundazwe singakwazi ukukhiqiza okwanele ukuthi

kusetshenziswe lapha ngaphakathi esiFundazweni kuphinde kudayiselwe nezinye iziFundazwe kuchaza uMthembu. Akugcinanga nje ngokuba lomphakathi wakhelwe idiphu, kodwa kubuye

kwatomulwa intsha yakule ndawo engaphansi kwenhlangano iGayede Goat Project ngesheke lesigidi samarandi. Le nhlangano, okukhona kuyo intsha kuphela, yenze umsebenzi obaluleke kakhulu wokufuywa kwezimbuzi kule ndawo. UMnuz Zenzele Dlomo, ongomunye wabaholi beGayede Goat Project, bavula le nhlangano ngoba befuna ukugxila kakhulu emikhizweni yezimbuzi ngoba bebona ithuba lokwenza inzuzo njengalokhu idingeka kakhulu le nyama. Le nhlangano yafaka isicelo sayo eMnyangweni wezoLimo nokuThuthukiswa KweMiphakathi yaseMakhaya nokwaphetha ngokuba uMnyango uvume ukuba uyixhase le nhlangano. IGayede Goat Project ikwazile ukuhlangabezana nazo zonke izinto ebezidingeka. UMthembu uthe kumjabulisa phakathi enhliziyweni lokhu kuphumelela kwalo msebenzi

ngoba kukhombisa ngokusobala ukuthi intsha kuningi engakwenza uma izinikela. Uthe okunye okumhlaba umxhwele ukuthi ukusungulwa kwamabhizinisi ezolimo ngoba kuhambisana neqhinga loMnyango elithi kumele yonke imisebenzi ihambisane nokusungulwa kwebhizinisi nemisebenzi. Uthe ukholwa ukuthi lo msebenzi weGayede uzokhula kakhulu futhi uhambisane nezinhloso zabasunguli bayo. Indawo yaseMakhabeleni inhle kakhulu ekufuyweni kwezimbuzi ngoba inezihlahla ezimfishane eziyizihlangwane futhi izimbuzi ziyaluthanda lolu hlobo lwezihlahla. Okunye okuhle ukuthi izimbuzi ziyakwazi ukubekwezela uma kunesomiso ngoba amanzi aziwajahi futhi ziyakwazi ukunquntanqunta lapha nalaphaya ngokungafani nezinkomo, kusho uMthembu.

Batshale izithelo ngemizuzu engu-67 yokukhumbula umandela

LONDIWE NGIDI

UNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali, uMnuz Themba Mthembu, uchithe imizuzu engu-67 yokukhumbula owayenguMengameli wakuleli uDkt Nelson Mandela ngokutshala izihlahla zezithelo eMsinga. UMhlonishwa uMthembu utshale lezi zihlahla ngesikhathi eyala ukuthi kumele zitshalwe izihlahla ngezizathu zokongiwa kwemvelo nokuhlanza umoya esiwuphefumulayo. Imifelandawonye uNgqongqoshe ayihambele etshala izithelo kube yiQedusizi neSiphiwayinkosi.Usuku lokubungaza uTata Nelson Mandela labekwa njengosuku lapho isizwe sonke sikhumbula usuku lokuzalwa kwaleli qhawe okwaba ngomhlaka 18 Julayi 1918. Ingqikithi yemicimbi yokukhumbula usuku lokuzalwa kukaTata yileyo ecashunwe kulokho akusaho yena esadla

anhlamvana ukuthi “sekusezandleni zenu”. Ngalama gama ashubile wayegqugquzela intsha ukuba ithathe umthwalo ngokubamba iqhaza eliphambili ekulweni nokubhekana ngo nezinkinga zokungabi nabulungisa emphakathini. “Ukugubha lolu suku lweMandela kungaphezulu kokuzithokozisa nje kodwa lona umnyakazo wesizwe sonke ekuhlonipheni impilo yaleli qhawe nokushintsha isimo sesizwe sonke. Senikhululekile ukuthi nitshale izithelo nihwebele nezimakhethe zangaphandla.” kusho uMnuz Mthembu, ekhuluma nabalimi beQedusizi Projekthi neSiphiwayinkosi. Le misebenzi yomibili ihlanganiswe ngabesifazane kakhulu, okuveza khona ukuthi abesifazane sebebambe igxathu elikhulu ukuqinisekisa ukukhula komnotho eNingizimu Afrika. Abasifazane babambe ibamba

elibabazekayo emkhakheni wezolimo futhi bayaqinisekisa ukuthi kuba khona ukudla okwanele ezweni lonke, ekondleni imindeni, ekudaleni amathuba omsebenzi, ekukhuliseni umnotho nokugxosha ikati eziko. Batshale izitshalo ezihlukene ezifana nezipinashi, amaklabishi, utamatisi, ubhontshisi nokunye. UNgqongqoshe ubashiye bebambe imilomo kade ebaphathele izinsiza kusebenza ezihlukene okubalwa amageja, izinto zokunisela nezimbewu. Ngaphezu kwalokhu uthembise ukuthi uzosiza lamaprojekthi ngamatange amanzi - oJojo ukwenza umsebenzi ubelula ekutholeni amanzi okucelela lezitshalo. Ugqugquzele abalimi ukuthi bangapheli amandla ekusebenzeni umhlabathi ngoba ilapho ingcebo yabo ilele khona. Ubaqinisekise ukuthi uMnyango uvulekile futhi uzimisele ukusiza laba balimi ngolwazi nezindlela



UNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya eKZN, uMnuz Themba Mthembu, ubekhombisa ngezinsiza kulima ezishiyelwe abantu baseMsinga. **Isithombe: MBUYISELO NDLOVU**

zokuthuthukisa indlela abasebenza ngayo. Okunye okusequlwini ukuba kwenziwe isiqiniseko sokuthi abantu besifazane abanamasu okuzimela

bakhuliswe baze bafinyelele esigabeni sokuba abalimi abazimele ngokuphelele nabahwebela ezimakethezangaphandle.

“UKONGIWA KOKUDLA MAKUBE SEQHULWINI ESIFUNDAZWENI” - MTHEMBU

PHUMZANI DLANGAMANDLA

UNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali, uMnuz Themba Mthembu, ugqugquzele ukutshalwa nokongiwa kokudla ukuze kuliwe nobubha ezindaweni zasemakhaya. UMthembu ukusho lokhu emcimbini waminyaka yonke oba ngomhla ziyi-18 kuNtulikazi wokugubha usuku lweNgqalabutho eyayinguMengameli wakuleli uDkt Nelson Mandela obusezinkundleni zemidlalo eMelmoth kuMasipala waseMthonjaneni ngaphansi kwesifunda uThungulu enyakatho yeKwaZulu-Natali. Lo mgubho obungomhla zingu-21 kuNtulikazi ubuhlelwe yihhovisi likaNgqongqoshe wezoLimo,

amaHlathi nokuDoba kuzwelonke, uMnu Senzeni Zokwana, ngenhloso yokukhuthaza imiphakathi eyakhele le ndawo ukuba iqale izivandi ezotshala kuzo imifino, izithelo nokunye. ONgqongqoshe bebelethe izinsiza zokusebenza ezivandeni okubalwa amageja, amafosholo, izikhuthazi, izimbewu nezithombo zemifino kanye nezithombo zezihlahla zezithelo nezomthunzi baphinde banikela ngesikhathi sabo beyotshala ezivandeni zemindeni ebihlonzwe nguMnyango wezoLimo esiFundazweni. “Namuhla sizonikezela izinsiza zokulima emindenini ukuze iqale izivande ilime, kuphele ububha”, kusho uMthembu. La mazwi agcizelelwe nanguMhlonishwa uNgqongqoshe wezoLimo,



UNgqongqoshe womNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya uMnu Themba Mthembu

amaHlathi nokuDoba, uMnuz Senzeni Zokwana, ngesikhathi egqugquzela ukuthi lezi zinsiza abazonikwa zona kufanele zisebenze ngendlela efanele futhi ziphathwe kahle. “Le mbewu nezithombo sikulethela ukuthi

nitshale futhi nidle, asikulethelanga ukuba kunikwe izinkukhu enizifuye emakhaya”, kusho uZokwana. Uthe bazobuya ukuzobheka ukuthi kutshaliwe yini futhi kunakekelwa ngendlela efanele yini. UMnyango wenza konke okusemandleni ukufukula imiphakathi kwezolimo nakuba kugqama ukuthi umasipala waseMthonjaneni ungezinye yezindawo zikhahlamezwe kakhulu yisomiso esifundazweni nokungenye yezingqinamba abalimi ababhekene nazo. UMnyango ubuye wanikezela ngokudla nangezingubo emphakathini njengoba amakhaza eshubisa umnkantsha kulezinsuku. UMthembu uthe ukuza kwabo kule ndawo kuzolekelela imiphakathi ukuqala impilo engcono. “Inhloso yokuza kwethu

lapha ukuzonisiza niqale impilo engcono ngokuzenzela ukudla njengoba intengo yokudla ikuphuke kangaka nje”, kusho uMthembu. Abantu bebephume ngothi lwabo ukuzozizwela ongqongqoshe bezifikele mathupha endaweni yabo ukuze bethole nethubalokuzibuzela abebefisa ukukubuza kubo. IMeya yesifunda uThungulu uNkkz Thembeke Mchunu ubengomunye wabebhambele lomcimbi nalapho etuse khona amagalelo eNgonyama uCetshwayo waphinde wamemezela nokuthi isifunda uThungulu sesizobizwa ngayo iNgonyama, izinhlelo zokushintsha igama lesifunda zizoqala emva kokhetho lohulumeni basekhaya oseluseMome njengoba luzoba mhla zintathu kuNcwaba.

INJABULO EMPHAKATHINI NGOMGWAQO OSUZOKUBA NETIYELA EDANNHAUSER

STHEMBILE LUTHULI

Umphakathi waseDannhauser nawo awusalanga ngaphandle ochungechungeni lwemicimbi yoMnyango wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi ngenyanga kaJuly lapho bekulethwa intuthuko ezindaweni zasemakhaya. UNgqongqoshe walo Mnyango uMnu Mxolisi Kaunda ubehambele lomphakathi ukuyophendula isoyi lomgwaqo u-D280. Lo mphakathi usuzokwazi ukufinyelela kalula ezikhungweni ezibalulekile zomphakathi okubalwa kuzona imitholampilo, izikole nasezitolo edolobheni njengoba bebebhekana nenkinga yokuthi uma izulu linile bengakwazi ukufinyelela ngenxa yodaka. Ekhuluma kulo mcimbi uKaunda uveze ukubaluleka kokuthuthukiswa kwabantu ikakhulukazi basemakhaya wathi: “Silapha nje singuMnyango sizoqinisekisa ukuthi izimpilo zabantu ziyaquguka kulokhu ebeziyikhona ngaphambilini, njengoba sazi ukuthi uma sakha

imigwaqo siyazi ukuthi abantu bakuleyo ndawo abasizakalayo. Lokhu yingoba futhi kusuke kuzodaleka amathuba emisebenzi babuye bathole futhi namakhono abazowasebenzisa ngisho ngabe sekuqedliwe ukwenziwa kwalowo msebenzi. Lama khono basuke bezowasebenzisa nakwezinye izindawo.” Ukwakhiwa kwalo mgwaqo kuzohlukaniswa izigaba ezintathu kanti imali efakiwe ngokwakhiwa kwawo ilinganiselwa ku-R120 million. Ukunqanda isihlava sokuthi uma sekwakhiwe umgwaqo omusha omuhle onetiyelela bese uphenduka inkundla yokubulala abantu ngenxa yezingozi, uMnyango uzofaka ama-speed-humps njengoba lo mgwaqo useduze nezikole zakule ndawo kanye nemitholampilo. Lo mphakathi awuzogcina nje ngokuhlomula ngalomgwaqo u-D280 kepha miningi neminye imigwaqo esazokwakhiwa kule ndawo njengoba isiyonke imali efakiwe kunyaka-mali ka-2016/2017 ingu-R303 million bese kuthi ngo-2019/2020 kuzofakwa



UNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda ehambisana nobuholi bendawo emcimbini wokuphendulwa kwesoyi lomgwaqo u-D280 eDannhauser ngeledlule. **Isithombe: ZINGISA HLATHI**

isamba sika-R573 million. Konke lokhu kungamacebo namasu kaHulumeni okuthuthukisa imiphakathi yasemakhaya eyabe incisheke amathuba ngaphambilini. IMeya yaseDannhauser uKhansela Jabu Phakathi naye obeyingxenywe yalo mcimbi ushayele uMnyango izandla ngale

ntuthuko oyiletha endaweni. “Sijabula kakhulu ukuthi uMnyango usufikile ukuzothuthukisa indawo yethu. Ukwakhiwa kwalomgwaqo kubaluleke kakhulu kithina njengoba ukwakhiwa kwawo kuzodala amathuba okuthi labo abafisa ukuzotshala izimali

endaweni yakithi basondele bese kukhuphula kakhulu isimo somnotho eNingizimu Afrika futhi nathi siyokujabulela kakhulu ukubamba iqhaza ekunyuseni umnotho wezwe lakithi,” kubeka uMeya.

USekela-Mongameli uRamaphosa uluthakasele uhlelo lukaZibambele

NONHLANHLA NDWANDWE

Lihlabebe umxhwele iPhini likaMongameli wakuleli uMnu Cyril Ramaphosa ngesikhathi ithimba abelihola, ebelihlanganisa amaPhini oNgqongqoshe abehlukene noNgqongqoshe bakulesi sifundazwe, lihambele indawo yaseMzinyathi eNanda, enyakatho yeThekwini ngeledlule. Inhloso yalokhu bekuwukuhambela imisebenzi yakule ndawo okubalwa kuyona uhlelo lukaZibambele engaphansi kwe-Expanded Public Works Programme (EPWP), uhlelo lwezindlu zomxhaso kanye nen dawo kaMasipala weTheku yokufundisa intsha yendawo ukugwedla kanye nokugibela amabhayisikili. URamaphosa uthe inhloso yokuhambela lesi sifundazwe, ikakhulukazi indawo yaseMzinyathi, bekuwukuzozibonela ngokwakhe ukusebenza kohlelo oluwundabuzekwayo lokuxosha ikati eziko uZibambele lapho abesifazane bendawo belungisa imigwaqo engenela emiphakathini baqinisekise ukuthi ihlale isesimweni ngaso sonke isikhathi. Omunye wabasebenza ngaphansi kwalolu hlelo olusingethwe nguMnyango wezokuThutha esifundazweni, uNks Hlengiwe Nxumalo uthe



uZibambele luzishintshile kakhulu izimpilo zemindeni eminingi ebidla imbuya ngothi endaweni. Uthe: “Ngaphambi kokungena ngaphansi kwalolu hlelo isimo besibheda kakhulu ekhaya njengoba bekungasebenzi muntu ikati lilale eziko. Ngokungenelela komphakathi kanye nobuholi bendawo ngokufika kwalolu hlelo kwahlonzwa leyo mindeni ehlwempu kakhulu kuneminye nathi sangena kanjalo ngaphansi kwalo lolu hlelo.” Uthe ukusukela ngaleso sikhathi yonke into ekhaya isiyenzeka akusafani nangaphambi kokuthi angene ngaphansi kwalolu hlelo. Uqhube wathi lolu hlelo l

uqondiswe kakhulu kuleyo mindeni edla imbuya ngothi okungasebenzi muntu khona, imindeni ephethwe yizingane abazali asebashona, intsha engasebenzi nabafelokazi. Ubuye wathi okuhle ngalolu hlelo ukuthi alupheli nokuthi uma kwenzeka noma yini kulowo osebenza ngaphansi kwalo, kubuye kubhekwe ukuthi kungathathwa bani kolowo mndeni ukuze umndeni uqhubeke uphile. mLaba bezifazane ukuzama ukukhulisa imiholo yabo sebezizalele nama-Club okonga imali okuthi njalo uma sebeholile bazibekele amaphesenti angu-10 emiholweni yabo nyanga zonke,

abanye ngala maphesenti abavumeleke ukuthi bayikhiphe imali ngemuva kwesikhathi esibekiwe, bazisungulela imifelandawonye abanye baziqalele amabhizinisi. Abanye bathunga imifaniswano le abasebenza ngayo bayidayisele uMnyango. URamaphosa uthe ngendlela lolu hlelo olumhlabe ngayo umxhwele, useze wazisa nezinye izifundazwe ngalo ukuthi nazo ziluqale ukuze kusizakale imiphakathi entulayo. “Ngiyaziqhanya ngalesi sifundazwe ngalolu hlelo oluhamba phambili. Njalo uma kunemincintiswano lolu hlelo

luhlale luhlabana njalo nje futhi kumanje selwaziwa kuzwelonke ngenxa yokusebenza kwalo okuncomekayo. Lesi sifundazwe siyaziwa ngokuhamba phambili ezintweni eziningi ezinhle bese ezinye ziyalandela zibukela kusona,” kusho uRamaphosa. Njengengxenywe yohlelo losuku, umphakathi uvulelwe ithuba lokubeka izikhalazo ngezinto ezibaphazamisayo nokuvele ukuthi umphakathi wakule ndawo kawenelisekile ngokwakhiwa komgwaqo u-P100 owavele ukwakhiwa kwawo kwashiywa phakathi ngaphandle kokwaziswa. Lo mgwaqo usuka eNdwedwe, eNgonweni ukwakhiwa kwawo kwakumele wakhiwe uze ufinyelele eMzinyathi futhi bekumele ukwakhiwa kwawo kuphothulwe ngonyaka ka-2014. Ephendula uNgqongqoshe wezokuThutha uMnu Mxolisi Kaunda uthe uMnyango usuwutholile umbiko wokuma kokwakhiwa kwalowo mgwaqo waqinisekisa umphakathi ukuthi kuzoqhubeka ukwakha ngo-August 1. Ubuye wabalula ukuthi sekusele amakhilomitha amane kuphela waqinisekisa umphakathi ukuthi uzoqedwa kungekudala nje.

Ubezibambele mathupha uNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda. Lapha ubevala esinye sezikhinsi esikule ndawo ngenkathi iPhini likaMongameli uMnu Cyril Ramaphosa (ngemumva) ebukela. **Isithombe: ZINGISA HLATHI**



“Silapha nje singuMnyango sizoqinisekisa ukuthi izimpilo zabantu ziyaquguka kulokhu ebeziyikhona ngaphambilini, njengoba sazi ukuthi uma sakha imigwaqo siyazi ukuthi abantu bakuleyo ndawo abasizakalayo”.

UKAUNDA USHAYELE IHLOMBE IMBONI YAMATEKISI NGOQEQESHO LWAMAKHONO OBUHOLI

AKHONA DLAMINI

UNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi KwaZulu-Natal uMnu Mxolisi Kaunda ubongele abeKwaZulu-Natal Taxi and Commuter Corporation (KZNTCC) ngokuzibandakanya noqeqesho oludingeka kakhulu ebuholini bemboni yamatekisi.

Lokhu kuvele ngesikhathi uKaunda ehambele umcimbi wokunikezwa kwezitifiketi obuse-International Convention Centre (ICC) eThekwini, ukuzohalalisela amalunga emboni yezokuthutha ngokuphothula uhlelo lwawo lokuqeqeshwa.

Lolu hlelo kuhloswe ngalo ukuthuthukisa ubumbano embonini yamatekisi kulesi sifundazwe nokubhekelela ukuthula endaweni ngesikhathi kuthuthwa imiphakathi. Ngesikhathi ethula inkulumo yakhe,

uKaunda uthethe: “Ngizizwa ngithobekile kakhulu ukuthi ngibe yingxenywe yalo mcimbi wokunikezwa kwezindondo wemboni yamatekisi owenganyelwe abe-KZNTCC egameni eSANTACO ngokuxhaswa uMnyango wezokuThutha. Asinakho nakancane ukungabaza ukuthi loluqeqesho kanye nokuthuthukiswa kwabashayeli kuzoselekelela nathi ekuphuculeni ezokuphepha emgwaqeni nokuthutha okusezingeni eliphezulu,” kusho uKaunda.

“Sizoqhubeka nokweseka imisebenzi yalolu hlobo okuhloswe ngayo ukufaka isandla kakhulu ekutheni le mboni yezokuthutha ibe ngethembekile, esebenzayo ngokweqiniso, ephephile kanye nenokuthutha kulesi sifundazwe,” kuqhubeka uKaunda. Ngokusho kukaThandeka Mazibuko omunye

wabathole isitifiketi sokuphothula lolu hlelo uthethe uqeqesho abalutholile lubazuzise ngolukhulu ulwazi. “Lolu qeqesho beluqondiswe ngqo ezingqinambeni ezibhekene nemboni yamatekisi nokuthi kuzobhekwana kanjani nazo lezo zingqinamba. Bekugcizelelwe futhi nokuthi ubuholi bemboni ngaphakathi ematekisini bungasebenza ukufafaza ivangeli elihle elingaletha izinguquko ezihlabahlosile kubuye kube nomkhomba-ndlela ozoqinisekisa ukuthi ukulethwa kwenzuzo kuba yimpumelelo ngaphakathi embonini,” kuchaza uMazibuko.

UKaunda ube esegugquzela labo abathole izitifiketi ukuthi babe ngoshampeni ekuphathweni kwamabhezini ngokuthi basebenzise ulwazi abalutholile ukwelekelela ukuguqula imboni. “Nginxusa ngibuye ngigugquzele



UNgqongqoshe wezokuThutha uMnu Mxolisi Kaunda enikeza isitifiketi kuSihlalo we-SANTNACO KwaZulu-Natal uBoy Zondi ngesikhathi kunomcimbi we-KZNTCC wokunikezela ngezitifiketi.

abanikazi bezithuthi ukuthi baphathe amabhezini abo ngokucophelela okukhulu yikhona kuzophepha imiphakathi. Futhi, ukugqamisa ezokuphepha

ematekisini esifundazwe, ikakhulukazi ngesikhathi samaholide esimatasatasa kubalulekile kakhulu,” kuphetha uKaunda.

URAMAPHOSA WESEKA UHLELO LUKA- OPERATION SUKUMA SAKHE LUKAHULUMENI WAKWAZULU-NATAL

SPHIWE MAPHUMULO

IPhini likaMongameli uMnumzane Cyril Ramaphosa uthi uhlelo luka-Operation Sukuma Sakhe (OSS) lapho uHulumeni esondela ngqo kubantu ngokuletha intuthuko luyisibonelo esihle nakwezinye izifundazwe zakuleli.

Usho kanje ngesikhathi kade ehambele indawo yaseNanda ku-Ward 3 okuyobheka inqubekela-phambili esiyenziwe kwezentuthuko njengoba ebeholathiimba loNgqongqoshe namaSekela abo nabayingxenywe yekomodi elaziwa nge-Public Employment Programme Inter-Ministerial Committee (PEP-IMC).

Lelikomidi likazwelonke lihlose ukubona imiphumela ephathekayo kuyoyonke imisebenzi exhaswe uHulumeni ngezimali esingabala kukho ukulethwa kwamathuba emisebenzi kanye nokuthuthukiswa kwamakhono kubantu bendawo lapho lezinhlelo ziqhutshwa khona ikakhulukazi lezo ezinomthelela we-Expanded Public Works Programme (EPWP), kubuye kubhekwe nokuzinza kwazo emphakathini. Phakathi kwezikhulu ebezipehelezela iPhini likaMongameli ngaphandle koNgqongqoshe bakazwelonke nama-Sekela abo, bekukhona iNkosi M. Ngcobo yeSizwe samaQadi, uSodolobha waseThekwini, uKhansela uJames Nxumalo, abaphathiswe iminyango eyahlukene kuHulumeni waKwaZulu-Natal oNkk Belinda

Scott, Mxolisi Kaunda noRavi Pillay noKhansela Bonke Chili waku-Ward 3.

Leliithimba ebelihamba noSekela Mongameli lihambela emndenini wakwaDlamini emaTata eNanda nalapho uSekela Mongameli efike wafingqa khona imikhono wapenda indlu kanokusho lo mndeni oyithole ngenxa yohlelo luka-Operation Sukuma Sakhe ngokuba hlwempu kwawo.

Lo-mndeni wakwaDlamini kanye neminye imindenini kule ndawo ihlomule ngezindlu ngokuhlonzwa ohlelweni lwe-OSS.

Ekhuluma kubhazabhaza wetende ebelingcwele phama amalungu omphakathi, uRamaphosa uchaze uhlelo luka-Operation Sukuma Sakhe njengohlelo oluyisimanga nolwenza izinto zenzeke.

“Sengitshele nezinye iziFundazwe ukuba zisike iphethini kulo luhlelo olwenziwa uHulumeni wesiFundazwe saKwaZulu” kusho uRamaphosa ekhombisa ukwethakasela uhlelo we-OSS nathe uqale uzwa ngalo nyakenye wase elwethakasela.

Mayelana nohlelo lokunikezelwa ngezindlu emphakathi, uSekela Mongameli uthethe uthokozile ngobuHoli bukakHulumeni wesiFundazwe ekwakheleni abantu izindlu eziningi njengoba izindlu ezakhiwa lapha zengeza esibhalweni sezindlu eziyizigidi ezine (4million) esezakhiwe uHulumeni kazwelonke kusukela ngo-1994



ISekela likaMongameli uMnu. Cyril Ramaphosa exoxa nomama osebenza ohlweni lukaZibambele uNks. Rose Mchunu kanti uNgqongqoshe kazwelonke uEdna Molewa (MP) kanye neLungu leSishayamthetho uNgqongqoshe uMxolisi Kaunda(MPL) bebelalele lenkulumo.

kanti kwezinye izindlu eziyizigidi ezintathu (3million) ezisazokwakhiwa uHulumeni maduze nje.

Ubuye watshela amalungu omphakathi ukuthi njengoba uHulumeni ezimisele ngokusiza futhi abuye anakekele abantu, sikhuluma nje bangaphezu kwezigidi eziyishumi nesikhombisa (17 million) abantu abathola imali yesibonelelo sikaHulumeni ngezindlela ezahlukene kanti kunabantwana besikole abayizigidi eziyishagalolunye (9million) abathola ukudla ezikoleni ngokohlelo lokuphakelwa kokudla

ezikoleni i-Government School Feeding Scheme.

Kubuye kwahanjelwa nohlelo lukaZibambele oluletha amathuba emisebenzi emphakathini ngokuqasha abantu bendawo ukuba kube yibona abalungisa imigwaqo emincane efana no-P259 no-D1664 ngokugqiba izisele babuye benze lemigwaqo emincane (access roads) ukuba ihlale isesimweni esihle.

Lapha ithimba ebelihamba noSekela Mongameli lifice omama bendawo besebenza bematasa, lakwazi ukuxoxa nabo mayelana nomsebenzi abawenzayo.

Leli thimba libuye lahambela nesikhungo esaziwa nge-Durban Green Corridor Project nesiza kakhulu ekufundiseni intsha yendawo imidlalo yokugwedla (canoeing) emanzini, imidlalo yamabhayisikili Kanye nokongiwa kwezemvelo.

UMnumzane Ramaphosa ukhulume wageqa amagula eyala umphakathi Kanye nentsha mayelana nesifo seNgculazi kanye nesandulela sayo (HIV and AIDS) nanxuse ukuba lesifo siqashelwe ngona asikayeki ukuba yingozi.

Uqhube wathi nakuba uHulumeni ehlinzekela ngemishanguzo yokudambisa lesifo kubantu abalinganiselwa ngaphezu kwezigidi ezintathu nengxenywe (3.4 million people), lesifo siseyinkinga ekhungethe umhlaba wonke nokusadingeka amasu anzulu ukubhekana naso nathe lokhu kudingidwe kakhulu eNgqungqutheleni yeHIV and AIDS ebikade iseThekwini ngesonto eledule.

Isifundazwe saKwaZulu-Natal sisazoqhubeka njalo nokuba isibonelo esihle sokuqhamuka nezinhlelo eziletha izinguquko emphakathi kubalwa kanye nalo uhlelo lwe-Operation Sukuma Sakhe ukuze iniNgizimu Afrika iqhubeke iye phambili.



“Mayelana nohlelo lokunikezelwa ngezindlu emphakathi, uSekela Mongameli uthethe uthokozile ngobuHoli bukakHulumeni wesiFundazwe ekwakheleni abantu izindlu eziningi njengoba izindlu ezakhiwa lapha zengeza esibhalweni sezindlu eziyizigidi ezine (4million) esezakhiwe uHulumeni kazwelonke kusukela ngo-1994”.

UNgqongqoshe Wezemisebenzi Yomphakathi uMnu Ravi Pillay

USCOTT UPHAKA IMPI YOKULWA NENGCULAZA ERICHMOND

SKHULULIWE KHOZA

UNgqongqoshe wezeziMali KwaZulu-Natal, uNkk. Belinda Scott unxuse abazali kanye nentsha kuMasipala eRichmond ukuba balwisane nokusabalala kwegciwane isandulelangculazi (HIV) emphakathini. Ekhuluma ehholo nomphakathi waseSmozomeni kaWadi 6, uScott uthe sekwiysisikhathi sokuthi umphakathi ulwisane nokubhebhetheka kwegciwane iHIV. “Abungavunyelwa ububha bukhuthaze ucansi olungaphephile entsheni. Asilweni nokukhulelwa kwentsha osekuyinto esabalele emphakathini wethu nokwenyusa amathuba okutheleleka kwabantu ngegcwane. Abazali kumele badlale indima ebalulekile yokunakekela izimpilo zabantwana babo. Abaqinise umthetho

emakhaya ukuze izingane zinqandeke kusenesikhathi. Intsha kumele yazi ukuthi kubalulekile ngempela ukugwema ucansi nokuthi uma yehluleka kodwa izivikele. Isibalo esingu 853 sabakhulelwe abahlolele iHIV ngo2015/2016, bangama 21% abantu besifazane abanaso lesi sifo. Bangu 13% abesilisa abahlolile okutholakala ukuthi basulelekile yiHIV kuyo le minyaka. Ngalesi sibalo esiphezulu sabantu abatheleleka ngeHIV, uMasipala iRichmond, usebenzisana neminyango eyehlukene, babone isidingo sokuqinisa umzamo wokulwisana neHIV. UScott uvakashele umphakathi wase Richmond ngenhloso yokugqugquzela intsha ukuba ilwisane negciwane iHIV. Ube esevakashela izikhungo ezimbili ezisiza ukunakekela

abantwana abanokugula okuhlukahlukene. Ungqongqoshe uvakashele iHand of Hope Centre (Wadi 1) ebhekelela abantwana abaphila ngokukhubazeka lapho anikele ngezinto zokubhala, iphalishi (FutureLife) wazibophezela ekutheni uzonikela ngombhede wezingane ezibuthaka. Usume lapho waya eRichmond Day Care and Supportive Centre eNdaleni (kaWadi 7) ekungesinye isikhungu esinakekela abantwana nesidinga kakhulu uxhaso. Ezinyangeni ezintathu ezedlule, uNNk. Scott uvakashele yonke imkhandlu, ehambela bonke oMaspala abangaphansi komkhandlu uMgungundlovu nomyalezo ofanayo aphinde agqugquzele izakhamizi ukuba ziye emtholampilo ziyohlolela igciwane lesandulelangculaza waphinde



UNgq. Belinda Scott, Themba Luthaka (uMphathi we-Hand and of Hope Centre, uMnuz. Luthaka, uKhansela Pamela Musani, Khansela Jedrudith Jili kanye nabasebenzi base-Riders &Runners.

wanxusa nalabo asebenalo ukuba bavakashele ezikhungweni zezempilo ukuze bezothola imshwanguzo. Usekela Meyu wase Richmond, uKhansela Philile Ngcobo, uthe ukulwisana nokubhebhetheka kweHIV/AIDS kudinga ukubambisana nawo wonke amalunga asemphakathini.” Ngeke siyinqobe le mpi uma singabambisani njengomphakathi. Eyethu indima njengabaholi

ukugqugquzela indlela yokusebenzisana okuzosizaukulwisana nesandulelangculazi”. Ngenxa yomlando wezepolitiki nodlame, iRichmond iyahluleka nokubhekana nezimo ezithinta umphakathi okubalwa kuzo ukukhulelwa kwentsha, ukubhebhetheka kweHIV/AIDS, izintandane kanye nezidakamizwa.

“INKUNZI ISEMATHOLENI” KUSHO UMAGAGULA

SKHULULIWE KHOZA

Basale bezincinza ingqulu abafundi abaqhamuka ezikoleni ezehlukene KwaZulu-Natal emva kokuzithola befundiswa yiNhloko yoMnyango wezokuGcinwa kwaMafa KwaZulu-Natali, uMnuz. Simiso Magagula, ngesonto eledlule. Abafundi be-Accounting, Economics kanye neziBalo abaqhamuka eMzamweni,Authur Blazall ne-St John Paul II bathole ithuba eliyingqayizivele lokufundiswa nguMnuz. Magagula ngesikhathi bevakashele umnyango ukuzochazelwa kabanzi ngokusebenza kwawo. Laba bafundi abangabafana abebengama 20 bamenywe ngumnyango ohlelweni lwawo lokusebenzisana nezikole ukugqugquzela abafundi abenza izifundo zomkhakha wezezimali ukuthi bazochazelwa ngemikhakha yemisebenzi etholakala kulo

mnyango namathuba akhona. Lokhu bekuyingxeny yemikhankaso yalo mnyango yokugubha uJulayi njengeNyanga yamaDoda."Thina njengomnyango sikholelwa wukuthi inkunzi isematholeni. "Inhlosongqangi yethu wukufundisa kabanzi le ntsha ukuthi usebenza kanjani uMnyango wezokuGcinwa kwaMafa. Sibazise ngemikhakha yezifundo okumele bayifunde uma befisa ukuba yingxeny yawo uma sebeqedile ukufunda,” kuchaza uMagagula. Uthe kubalulekile ukuthi le ntsha icijwe isencane ngoba uthi lugotshwa lusemanzi. "Lena yinto okumele siyenze njalo ukuze sikwazi ukubonisana, silulekane njengamadoda. Kubalulekile ukuthi nibheke ikakhulu le mikhakha engandile futhi edinga amakhono ayimvelakancane. Gxilani kakhulu kule mikhakha amakhono ayo

angemaningi kuleli lizwe," kuchaza uMagagula. Akabange esaliyeka ithuba lokuqwashisa intsha ngemiphumela emibi kulabo abazibandakanya nobugebengu, izidakamizwa kanye nalabo abaphanga ubudala ngokuzibandakanya ocansini. "Abantu abanengi abazibandakanya nobugebengu baphelela emajele noma bafe besebancane. Uma uqala impilo yezidakamizwa ubeka impilo yakho engcupheni futhi ubeka engozini izimpilo zabanye abantu ophila phakathi kwabo. Kubalulekile ukuthi nikugweme konke lokhu futhi ningazibandakanyi nezinto zokushela nisebancane ngoba kusafanele ninake imfundo okwamanje," kuyala uMagagula. Ingcithabuchopho kwezokuphathwa kwezezimali ekulo mnyango, uMnuz. Price



INhloko yoMnyango wezokuGcinwa kwaMafa, uMnuz. Simiso Magagula kanye nabafundi abebvakashele umnyango.

Nabeal uchazele laba bafundi ngemikhakha ekhona kulo mnyango okubalwa kuyo: uphiko lezokuthenga, elokubika ngezezimali, elokuphatha kwemali, njalo njalo. UMnuz. Nabeal ushiyalane inkundla nozakwabo ovela ophikweni lwezokuqasha nokuthuthukiswa kwamakhono, uMnuz. Andile Zulu naye ogeqe amagula echaza ngamathuba

kanye nemifundaze etholakala kulo mnyango. UMnuz. Zulu uchaze ngemigomo nemibandela okumele ilandelwe ngabafundi ukuze bathole uxhaso, waqhubeka wachaza ngezinhlelo zokuqeqesha abafundi kanye nokuqeqesha labo asebegogodile esikoleni kodwa besafunda ukwenza umsebenzi ukuze bathole isipiliyoni.

INJABULO EZINGANENI ZASEMOLWENI KUGUJWA OLUKA MANDELA

NHLAKANIPHO BUTHELEZI

Ithimba lehhovisi loMnyango wozokuGcinwa kwaMafa KwaZulu-Natal lishiye phansi izingubo zalo ezijwayelekile zasehhovisi laqgoka ongiyaseenza kwashunqa uthuli kwangcola nezadla kugujwa uSuku lokuZalwa kukaMandela eMolweni ekuMasipala eThekwini. Leli thimba ebeliholwa yiNhloko yoMnyango, uMnu. Simiso Magagula, abasebenzi bakahulumeni kanye namavolontia asendaweni behlele endaweni yokunakekelwa kwezingane i-Asiphile Early Childhood Development Centre lapho bafike banikela ngokudla, izingubo zokulala, omatras kanye namathoyizi okudlala ezingane. Behlome ngamabhrashi nopende,



INhloko yoMnyango uSimiso Magagula nomsunguli we-Asiphile ECD Centre uNkk. Nonsikelelo Gwamanda

uMagagula nethimba lakhe bapende indlu yenkulisa yezingane ezingama 45 endaweni yakwaMageza. Baqede ukupenda badlulela engadini lapho efike khona wahlwanyela imbewu etshala imibhede yezithombo ngenhloso yokugqugquzela ukutshalwa kwezithelo ukuze

izingane zidle ukudla okunempilo. UMagagula akagcinanga lapho uphinde wanikela ngezikoqokoqo enxenxa othisha ukuthi bafundise izingane ngokonga imali zisencane. “Kumele sigcizelele usiko lokonga nokubeka imali ezinganeni zisencane ukuze zizokhula zikwazi ukubaluleka

kokubeka imali. Uma sifuna ukuthuthukisa umnotho walesi sifundazwe kanye nomnotho waseNingizimu-Afrika jikelele kubalulekile ukuthi kufundiswe izingaze ngokubeka imali,” kusho inhloko yomnyango. Uqhube wathi "uNelson Mandela wayeyiqhawe futhi eyithanda intuthukho, ngakho abantu kumele balandele ezinyathelweni zakhe ngokulula izinhliziy zabo ezinhle ekwenzeni ngcono izimpilo zabanye abantu." Phambilini osukwini uMagagula uvakashele i-Comfort Zone Crèche eku Wadi 103 endaweni yakwaNyuswa lapho enikele khona ngokudla, omatras, izingubo zokulala kanye namathoyizi. Umsunguli we-Asiphile ECD Centre, uNkk. Nonsikelelo Gwamanda, ukutusele

ukuvakashelwa ithimba lika hulumeni, wabe esethi le minikelo izodlala indima enkulu ekuthuthukiseni izimpilo zezingane abazinakekelayo. “Lolu suku lwanamhlanje lusinika ithemba lokuthi uhulumeni uyasilalela uma sicela izidingo. Sifuna uhulumeni oziphendulayo izidingo zethu,” kusho uNkk. Gwamanda. Lolu suku lweMandela Day lugujwa minyaka yonke mhlaka 18 kuNtulikazi lapho khona ukuthi abantu bachithe imizuzu engama 67 benza ubulungiswa bebuyisela emphakathini njengoba noMadiba achitha iminyaka engama 67 elwela inkululeko yabantu base Ningizimu-Afrika. Lolu siku seligujwa umhlaba wonke njengoba selavunywa yiNhlangano yaMazwe oMhlaba.



“Sekwiysisikhathi sokuthi umphakathi ulwisane nokubhebhetheka kwegciwane iHIV”

UNgqongqoshe wezezimali, uNkk Belinda Scott

OKADLUNGWANE UTHUTHUKISA INGQALASIZINDA EZIKOLENI

NOMPUMELELO GASA

Kunegidigidi ezikoleni za KwaZulu-Natal namaphethelo ngokwenziwa uMphathiswa wezeMfundo uMthandeni uDlungwane njengoba engazibekile phansi ukuthuthukisa ingqalasizinda ezikoleni zesiFundazwe. Kungakapheli isikhathi esingakanani okaDlungwane ephathiswe uMnyango usehambise intuthuko ezikoleni cishe kuzona zonke izifunda ezaziwa ngezisemaphandleni ezakhele iKwaZulu-Natal. Loluchungechunge loMphathiswa lokuphucula izikole, ukunikezela ngezinsiza kufunda kanye nokunikezela ngokusemthethweni izikole emiphakathini luqale mhla ehambele indawo yakwaNongoma esikoleni iVuna High School lapho anikezela ngezincwadi kanye nomfaniswano wezemidlalo. Emuva kwalokho akabange

esabambeka uMphathiswa, uphinde wabonakala khona endaweni yakwaNongoma esikoleni KwaDenge lapho enikezele khona ngamagumbi angomahamba nendlwana okuzoba okwesikhashana kusahlelwa ukunezezelwa kokwakhiwa kwamagumbi amasha ngenxa yenani labafundi elikhulayo minyaka yonke. uMphathiswa uphinde wanikela ngefenisha kanokusho kanye nomfaniswano kubafundi abaswele. OkaDlungwane uphinde wagabavula ebheke eShowe, eMbongolwane ngaphansi kwesiFunda saso Thungulu ukuyophendula isoyi kanye nokuthula ngokusemthethweni usonkontileka ozokwakha isikole esizodla uMnyango imali engango R10.5 million. Ngomhlaka 12 July 2016 okaDlungwane uphinde wanikezela ngokusemthethweni isikole iPhumlani High School

ngaphansi kwesiFunda Umkhanyakude yona edle uMnyango isamba semali engango R34 million. iPhumlani yona ilandelwe iLanga High School oPongolo ngaphansi kwesiFunda uMkhanyakude yona edle uMnyango isamba esingaphezu kuka R34 million. i Gannahoek High School engaphansi kwesiFunda Othukela yona idle uMnyango isamba esingu R10.5 million. Ist Chad High School nayo engaphansi kwesifunda Othukela yona idle uMnyango u R22 million. “Zonke lezizikole iningi lazo ezasemaphandleni kodwa uyamangala uma ungena kuzona ungafunga ukuthi usedolobheni noma ezulwini elincane ngoba zigabe ngobuxhakaxhaka besimanjemanje okubalwa ama computer labs, science labs, multipurpose classrooms, libraries nokunye okuningi. UMnyango wezeMfundo



ILanga High School eseZululand District engezinye yezikole ezisezingeni eliphezulu ezivulwe uMphathiswa uDlungwane

KwaZulu-Natal uzibophezele ekuphuculeni imfundo ezindaweni zasemakhaya, ingakho nje sakha izikole ezisezingeni eliphezulu ukuze abantwana bathi befunda bakwazi futhi ukulingisa lokhu abakufundayo emagumbini okufundela, futhi babe nolwazi

olunzulu ngosizo lwama Science Labs kanye nama computer labs,” kubeka uDlungwane. UMnyango umatasatasa kakhulu futhi uzimisele ngokushintsha izimpilo zabantu kanye nokuqinisekisa ukuthi abafundi bahlizekwa ngazo zonke izidingo.

ZIVULWE NGAPHANDLE KOBUHIXIHIKI IZIKOLE

NOMPUMELELO GASA

Zivulwe ngaphandle kwezinkinga izikole esiFundazweni sakwaZulu-Natali emva kwekhefu lamaholidi asebusika. UMphathiswa weZemfundo esiFundazweni, uMthandeni Dlungwane, ugqizelela ukufunda ezikoleni zesiFundazwe ukuthi kwenzeke ngosuku lokuqala, ngehora lokuqala nangomzuzu wokuqala wosuku lokuvulwa kwezikole. UMphathiswa uDlungwane akapholisanga maseko uzihambele mathupha ukuyohlola ukuthi ngabe kuhamba kahle yini ukuvulwa kwezikole kwisiFunda sase Lembe, ehambisana namalunga esiShayamthetho saKwaZulu-Natal. Abaholi besiFundazwe saKwaZulu-Natali bebethe chithi saka ukuhlola ukuthi ngabe ukufunda nokufundisa kuhamba ngendlela yini kwiziFunda zonke ezakhele isiFundazwe, ngenhloso yokungenelela balekelele lapho kungahambi kahle khona. Izikole



UMphathiswa uDlungwane ekhuluma nabafundi e Chief Albert Luthuli High School ngaphansi kohlelo lwe School Functionality monitoring

ezihanjelwe uMphathiswa ngaphansi kwesiFunda iLembe kubalwa Inkosi Albert Luthuli Secondary School kanye ne Sinyabusi High School. Ekhuluma nabafundi uMphathiswa ugqugquzele ukuzimisela ezifundweni zabo kanye

nenhlonipho. “Bantwana bami ikusasa lenu lisezandleni zenu, kuyangithokozisa ukuthola ithuba lokuniyala sisezinsukwini ezingaphansi kwekhulu lokuqalwa kwezivivinyo zokuphela konyaka. Ngifisa nazi ukuthi ukuphumelela akulawulwa ukuthi uzalwa kuphi

futhi uzalwa ubani kodwa konke ukuphumelelela kwenu kusezandleni zenu. Lesi isikhathi sokuthi nizikhandle nisebenze kanzima ukuze niphumelele. Kubalulekile ukuzithiba ezintweni eziyisiphazamiso ngoba ziyafika zedlule izinto,” Kubeka oka Dlungwane. Lokuvulwa kwezikole kulandela izifundo zamaholidi asebusika ezihambe ngenkulu impumelelo. Enye yezinhloko ze Matric Intervention Programme, ukuqinisekisa ukuthi abafundi bayasekwa ukuze baqede izifundo zabo kusesikhathi. Sikhuluma nje uMphathiswa uDlungwane ukhuthaza izikole ukuthi ziqalise ngokushesha zisingathe izifundo zange Migqibelo ezizodonsa iMigqibelo yonke kuze kuqaliswe izivivinyo zikamatikuletsheni. “Kungasithokozisa siwuMnyango umazonke izikole ezingama Secondary Schools zingazibandakanya ekufundiseni

nasekufundeni ngeMigqibelo ukuze kulekelelwe abafundi futhi kuqinisekise kakhulu lapho kutengwa khona, ukuze senze kahle siyisiFundazwe kwimiphumela kamatikuletsheni,” kubeka uDlungwane. Ngakolunye uhlangathi ibamba leNhloko yoMnyango wezeMfundo u-Adv. Bheki Masuku uhambele isiFundazwe sase Mkhanyakude ukuyohlola ukuthi ngabe konke kuhamba kahle ezikoleni kulezizinsuku ezintathu zokuqala izikole zivuliwe. Izikole ezihanjelwe Inhloko yoMnyango kubalwa iDumangeze Secondary School, KwaGxaba Secondary kanye neMangwaza High School. U-Adv. Bheki Masuku ugqugquzele abafundi ukuthi basebenze ngokuzikhandla kulesisikhathi esisele. Wanxusa ukuthi lesikhathi basesebenzise ngendlela, babuzisise kothisha lapho bengezwisisi khona ukuze bangene kwizivivinyo behlomile.

“KWETHULWE INCWADI YOKUHLONIPHA IQHAZA ELIBANJWE ABAHLENGIKAZI EKULWENI NENGULAZI”

Yethulwe ngesasasa incwadi yokuhlonipha iqhaza elibonakalayo elibanjwe abahlengikazi ekuhlizekweni komphakathi ngemishanguzo yokulwa nengculazi nesandulela sayo. Uhlelo i-Nurse Initiated Management of Antiretroviral Treatment (NIMART) lwethulwa ngonyaka ka-2010, kanti selubathuthukise kakhulu abahlengikazi, njengoba labo asebeqeqeshiwe sebekwazi ukwenza imisebenzi ebiyenziwa ngo-Dokotela phambilini, okubalwa kukho ukuhumusha imiphumela yegazi esuke iphuma e-laboratory, nokukwazi ukushintsha uhlobo lwemishanguzo olutholwa yisiguli uma kufanele. Le ncwadi, esihloko encwadi sithi: Improving Access to Antiretroviral Treatment: Nurses Trained In The Management of Antiretroviral Treatment, inamakhasi angu-68, kanti yethulwe engqungqutheleni yesifo sengculazi ebibanjelwe eThekwini. Kulencwadi, isifundazwe saKwaZulu-Natali siveza izindaba

eziyimpumelelo ngohlelo lwe-NIMART nendima edlalwe abahlengikazi ukusiza isifundazwe sifinyelele kubantu abangaphezu kwesigidi asebenikwe lemishanguzo yokuthithibalisa i-HIV. Izenzo zobuqhawe eziquthethwe kulencwadi zifaka phakathi kokunye lokhu okulandelayo: Umhlengikazi owakwazi ukushintsha umqondo wowselisa obene-HIV kanye namakhosikazi akhe amane ukuba baqale imishanguzo yokuthithibalisa i-HIV; Umhlengikazi owakwazi ukugqugquzele oweselisa obenegciwane ukuba aqale ukuthatha imishanguzo wayeka ukwesaba ukuthi inkozikazi yakhe esencane izomshiya uma eyitshela ngesimo sakhe. Emva kwalokho unkosikazi wakhe wathi uma ezwa lokhu wameseka. Wabe eseqinisekisa ukuthi uzomnakekela athathe imishanguzo njalo ngesikhathi esifanele futhi bazosebenzisa i-condom njalo uma beya ocansini. Ekhuluma

ngesikhathi kwethulwa le ncwadi, uNdunankulu wesifundazwe saKwaZulu-Natal uMhlonishwa uMnuz Willie Mchunu uthe lencwadi izaqinisekisa ukuthi umlando ngeqhaza elibanjwe abahlengikazi angeke ushabalale. UNdunankulu Mchunu uthi ukwethulwa kwalencwadi kunika abezempilo ukuba bame kancane, babheke indima asebeyihambile ekuhlengeneni abantu. “Siyakhunjuzwa lapha ukuthi nakuba zikhona izinselelo ezibangelwa izifo ezikhona kulelizwe, kepha ezempilo zikwazile ukubhekana nalezo zinselelo. Ukwethulwa kwale ncwadi akududuza mina kuphela, kepha kududuza ngisho izigidi zabantu abathembeke ohlelweni lwezempilo lwakulelizwe.” UNdunankulu Mchunu ube esencoma iqhaza laloyo owabe engumengameli wakuleli uDkt. Nelson Mandela ngokukhulula lelizwe ngaphansi kukaHulumeni wobandlululo kanye nokulwela amalungelo abantu njengoba



uhulumeni wobandlulo wayehlizekisa abamhlophe kuphela ngezinsiza zezempilo ezisezingeni elifanele. OkaMacingwane ube esencoma abahlengikazi ngokuba yisisekelo sokuhlizekwa ngezinsiza zezempilo. “Njengoba sigubha ukuhlizekwa kwezempilo ezisezingeni sibonga kakhulu abahlengikazi. Siyaqhubeka nokuqopha umlando ngokuthi izibhedlela zikahulumeni kube ezisezingeni elifanele. Lokhu kungenxa yokuthi abahlengikazi esinabo bawuqonda kahle

umsebenzi wabo, futhi basebenza ngokuzikhandla. Isibalo sabantu bakuleli okubikwa ukuthi basebenzisa imitholampilo kahulumeni senyuke sisuka 44,5% ngo-2004 saya ku 59.6% ngo-2016.” UNGqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natal uDkt. Sibongiseni Dhlomo uthe: “Ukwethulwa kwencwadi kuzoshiya umlando, uma abahlengikazi bebecabanga ukuthi ababalulekile sifuna ukushiya umlando futhi ngifuna ukubaqinisekisa ukuthi babaluleke kakhulu.”

EZEMIDLALO ZIFAKA ISANDLA KWEZO XOLO EGGLEBE

NELI MLABA NO MTHOKO MKHIZE

zakhamizi zaseGlebelands ngaseMlazi ziyishaye le ihlombe impumelelo yokubanjwa komncintiswano wezemidlalo ngesonto eledlule okube yingxenywe yokufaka isandla ekuletheni uxolo kulendawo eke yaba nezigameko zokubulawa kwabantu. Amaqembu ezemidlalo abehlenganiswe ngokwamabhilidi abantu abahlala kuwona kulendawo abeqhudelana ebholeni lezinyawo kanye nelomnqakiswa ngoMgqibelo kwaze kwaphothulwa ngeSonto, nobekuwusuku lokusayindwa kwesivumelwano sokuthula. Umphakathi waseGlebelands ubuphume ngobuningi ukuzokweseka lemidlalo nakuba isimo sezulu besingesihle. Iqembu iMadala Stezi iyona ephumelele owamanqamu ebholeni lezinyawo ishaya iKwadukemini ngo 2-1. Ukaputei weMadala Stezi, uMbulelo Ndonyela uthe lemidlalo isize kakhulu ekuletheni uxolo nokuzwani kwindawo yabo. “Lemidlalo isisize kakhulu ekutheni

sikwazi ukwazana kanye nokukwazi ukuxhumana nokuxoxisana ngendlela efanele. Kumele sidlale kakhulu ngaleyondlela sokwazi nokugqugquzela ulusha ukuthi nalo lukwazi ukuzibandakanya kwezemidlalo,” kuphawula uNdonyela. Ukaputei weKwadukemini uSinalo Lushaba naye wengeze emaziwni kaNdonyela. “Lomcimbi wezemidlalo usize ekutheni sikwazi ukubona ukuthi baningi esinabo abanekhono ekudlaleni, futhi abangakwazi nokuthi bagcine bekhethwa ngamaqembu ahluken ezebhola. Siyafisa nje iqhubeka lemidlalo,” usho kanje. UNGqongqoshe Wezobuciko, Amasiko, Ezemidlalo Nezokungcebeleka uNkk Bong Sithole-Moloi ushaye le ihlombe umphakathi ngokuxhasa imizamo yokugcina ukuthula ngokuthi kudlalwe imidlalo. “Imidlalo isikuvezile ukuthi iyinto ebalulekile futhi ehamba phambili ekuletheni uxolo, uzinzo kanye



Abadlali bamaqembu ebhola lasehositela iMadala Stezi neKwadukemini bebonisa ubumbano emva komdlalo wamanqamu.

nokubekezelelana phakathi kwabantu. Leliqiniso labonwa umsunguli wentando yeningi lapha eNingizimu Afrika, uBaba uNelson Mandela owasikhumbhuza wathi: Ezemidlalo zinamandla okuletha ushintsho emhlaben, zinamandla okugqugquzela nokuhlanganisa abantu ngendlela engeke yaqhathaniswa nokunye. UMadiba waqhuba wathi: Imidlalo ikwazi ukukhuluma

nentsha ngolimi eluzwayo. Imidlalo ingavuselela ithembha lapho besekukhona ukuphelelwa yithemba,” usho kanje. UNGqongqoshe uqhube wathi “Njengoba sisingatha lomcimbi wokudala ukuthula noxolo kulenyanga yokukhumbula uMadiba sinethembha ukuthi umoya wokubuyisana nokuxolelana uzongena kubobonke abantu base

Glebelands. Siyixhasa ngokuphelele lelizamo eholwa nguNdunankulu wethu ekuletheni ukuthula nokuhlangana kwabantu kulendawo.” UMNyango Wezemidlalo Nezokungcebeleka unikezele ngamajezi ebhola lezinyawo nelomnqakiswa emaqenjini akade edlala kulemidlalo.

UNgqongqoshe u-Sithole-Moloi uvule izinkundla eDukuduku

MTHOKO MKHIZE

Njenge ngxenywe yohlelo loMnyango Wezemidlalo Nokungcebeleka lokwakhiwa izindawo zokudlala kuzo zonke izindawo ikakhulukazi lezo zasemakhaya, indawo yaseDukuduku ngaseMtubatuba ogwini olusenyakatho nesifundazwe ingeyakamuva ukuhlomula kuloluhlelo. UNGqongqoshe Wezobuciko, Amasiko, Ezemidlalo, Nokungcebeleka uNkk Bong Sithole-Moloi unikezele emphakathini ngokusemthethweni lenkundla esanda kwakhiwa eyaziwa ngeDukuduku Sports Field. Kulomcimbi uNGqongqoshe ubephelezelwa nguSodolobha woMkhandlu waseMtubatuba

uKhanseka Israel Nyawo, iNkosi Mzokhulayo Mkhwanazi wesizwe sakwaMpukunyoni, amakhansela nezinye izikhulu zalapha. Inkundla yaseDukuduku nedle isamba esingaphezu kwezigidi ezimbii zamarandi (R2 million) inodedangendlela wenkundla ebiyiwe, amagumbi okugqoka abadlali nezindlu zangasese. Kuphinde kube necombo court, okuyinkundla okudlalwa kuyo imidlalo enhlobo-nhlobo efaka inetball, basketball, volleyball neminye imidlalo. Ekhuluma phambi kwezinkulungwane zabantu bendawo abebethamele lomcimbi, uNGqongqoshe uSithole-Moloi uthe ukwakhiwa kwalenkundla kuyingxenywe yemizamo yokuhlangabezana

nesifiso soMnyango wokwakha isifundazwe esizivoca-vocayo futhi esingabanqobi. “Ukwakhiwa kwalenkundla yezemidlalo necombo-court kuyingxenywe yohlelo loMnyango lokuhlazeka ngezindawo zokudlala ezizosetshenziswa wumphakathi kanjalo nezikole ukugqugquzela ukudlala nokuzivocavoca ezikoleni,” kuphawula uNGqongqoshe. Ukuhambisana nokuvulwa kwenkundla, kube nomqhudlwano wamaqembu endawo ebhola lezinyawo nelomnqakiswa. Emva kwalomcintiswano uNGqongqoshe unikezele ngezinto zokudlala kulamaqembu abedlala kanjalo namanye abengeyona ingxenywe yemidlalo ngalolusuku.



UNgqongqoshe uBong Sithole-Moloi (phakathi nendawo) uhalalisela intsha yaseDukuduku ngenkundla entsha eyakhiwe uMnyango weZemidlalo noKungcebeleka. Lapha ubehambisana neMeya yase Mtubatuba uKhanseka Israel Nyawo (iyembe elimhlophe) neNkosi uMzokhulayo Mkhwanazi wesizwe sakwaMpukunyoni.

BELIPHAKEME IZINGA LE DUNDEE JULY

BHEKI NCUBE

UNgqongqoshe Wezobuciko, Amasiko, Ezemidlalo Nokungcebeleka uNkk Bong Sithole-Moloi akawuvali umlomo ngezinga eliphezulu elikhonjiswe wumcimbi womtelebhelo wamahhashi iDundee July yalonyaka. UNGqongqoshe nobekuwumcimbi wakhe wokuqala lonyaka esesihlalweni uveze ubeweseka futhi ewuhambela futhi eweseka kakhulu naphambili lomjaho khthise esekwezinye izikhundla zokuphatha kuhulumeni wesiFundazwe.

UNgqongqoshe uSithole-Moloi ubebambe iqhaza kuyo yonke imicimbi ehambisana neDundee July kusukela ngoLwesihlanu emini lapho kube khona umviliyelo wasiko ehlukeno ukukhuthaza abantu ukuba beze ngobuningi emjahweni ngakusasa. Ekhuluma kulomcimbi uNkk Sithole-Moloi ugqizelele ukuthi iDundee July ingaphezu nje kokuba wumjaho kodwa iyimvubelo yokufukula umnotho kuso sonke lesiyasifunda esisenhla neKwaZulu-Natali. “IDundee July ihlomulisa ezomnotho walapha

ngendlela engakaze ibonwe. Bheka nje izindawo zokulala zigcwele kwaze kwakapakela emadolobheni angomakhelwane njengaseMnambini naseNewcastle,” usho kanje. Ngokokuqala ngqa kulonyaka kube nomjaho wabesimame bodwa, ukwengeza emijahweni eyisithupha ehlale ikhona. Umjaho omkhulu uthathwe yihhashi lsgwebo Sentambo ebeligitshelwe ngu Mzamo “Plaza” Mtshali. Okunye okube yisasa wukuqaliswa kohlelo lwe “Red Carpet” lapho



izicukuthwane ebezingena khona. Izinga lombukiso wengqephu obugcwele kakhulu abasiki basesiFundeni nalo lilokhu lenyuke

njalo.Idili lomculo lantambama ebeliholwa uKhozi FM nalo alidumazanga.



RAPE IS A CRIME

365 Days Anti-Women Abuse Campaign

UKUDLWENGULA KUYICALA

#NOCONSENTNOSEX

